# IZwe LiyaHlakazeka

Impela inhlanhla enkulu ukuba lapha, ukuzwa lobu bufakazi obuhle obuvela kulaba bazalwane abathandana neNkosi yethu uJesu. Manje, ngisahlala e—i . . . Bengingathini na? Ugqozi engiluthole emlayezweni, omunye wayo, izolo kusihlwa; isizathu, bonke. Kodwa kungifake ugqozi, kulomfowethu lapha, ngicabanga ngokuthethwa kwecala lakhe; njengoba Enza, wamvivinya uJobe, futhi, kodwa waba kabili ekugcineni. Futhi ngicabanga ukuthi kungokumangalisayo ukuhlala ngapha, ulalele ubufakazi bomunye umuntu, khona-ke ungaqhathanisa impilo wabo.

2 Ngishumayele ngalokho muva nje ePhoenix, "ukuzibandakanya kwethu noKristu," futhi sizibandakanye naYe eBhayibhelini. Uma sasiphila ngalolosuku, iliphi iqembu esasiyobandakanywa nalo na?

3 Manje-ke, izolo ebusuku, ngenkathi uMfowethu Crow, ngikholwa ukuthi lelo bekuyigama lakhe, lowo osilethele lomlayezo omangalisayo wobufakazi bakhe. Besihlezi lapho, emizuzwaneni embalwa edlule, siqhathanisa impilo yomunye nomunye. Futhi sobabili siyiBaptisti; abashayisibhakela abasemthethweni, kanjalonjalo, nezimpi zethu zokugcina, ukuthi kwenzekeni. Futhi-ke ngikujabulelile ngempela lokho. Ngiyajabula ukuthi bakuteyipile.

4 Futhi manje, kulokhu ukusa, ngiyazi sine—idili noma isidlo sasemini lapha, sabefundisi, esikhashaneni nje. Futhi—futhi . . . [Umfowethu uthi, "Qhabo. Yiwo onke amadoda, kulokhu ukusa."—Umhl.] Uthini? ["Bonke—bonke abahlobo abangamadoda."] Abahlobo abangamadoda. Yebo. Bese kuthi-ke, kulobubusuku, ngicabanga ukuthi idili lise . . . ["Abefundisi, noma ngubani ofuna, wonke amadoda afuna ukuza."] Ya. Noma yiyiphi indoda, umfundisi noma umuntu nje. [UMfowethu uDemos Shakarian uthi, "I—i—isidlo sasemini asikho kuze kube ukugamanxa kwehora leshumi nambili."] Ligamenxe ihora leshumi nambili. ["Ngakho-ke lokho amahora amabili—amabili, amahora amabili nesigamu, amahora amabili kusukela manje. Niyabo?"] Umuntu onomusa, uMfowethu Shakarian, nomkakhe.

5 Dadewethu Williams, bengizosho okuthize, kodwa ngeke. UMfowethu Carl, ubufakazi bakhe, esikhashaneni esedlule, bebuvelele. Ngakho-ke ngi . . . Okokuqala ngake ngazi lokho, inqobo nje uma ngangikwazi, kodwa beku—bekukahle kakhulu. Ngi—ngifunda isifundo ngazo zonke izinto. Asinjalo na? Kulungile.

6 Ngakho-ke, manje-ke, kulobubusuku, ngizokhuluma ngendaba, kulobubusuku, uma iNkosi ithanda, "Lapho baMbethela."

7 Futhi manje, namuhla, okokushintsha nje okuncane kwendawo, ngaphambi kokuba sikhulume ngendaba encane. Ngiza edolobheni lakini, izolo, ngokokuqala kwami ngqa, kuba yisikhathi sami sesibili ngikhuluma. Ngaba ne... ENew Mexico, ngaba nomhlangano kanye ezansi eCarlsbad, ubusuku obumbalwa. Kodwa angikaze ngibe nenhlanhla yokuza lapha kulendawo ethandekayo, ngaphambilini. Futhi ngi—ngiyathanda ukungena kusenesikhathi, futhi ngithi ukuzizwa ngilapho futhi ngibone i...lokho isidingo sedolobha esiyikho. Manje, asifanele neze size edolobheni, njengabefundisi...

8 Manje, bosomabhizinisi, lena yingqungquthela. Nilapha ukuzokhuluma ngamabhizinisi enu, nezinsizi zenu nezibusiso, ukuze nabelane ngazo ndawonye. Futhi lokho kukahle kakhulu.

9 Kodwa njengomfundisi kaKristu, siza lapha ukuzothola isimo sikamoya. Futhi-ke asizi lapha ukuze siziwe noma sibonwe, kodwa size lapha ukuzokwenza okuthile ukukhazimulisa uNkulunkulu, ukuletha into e—ekuqondeni kangcono uNkulunkulu. Futhi manje ngiguqule indaba yami, kulokhu ukusa.

10 Futhi manje, ngaphambi kokuba sifunde umBhalo, Angazi noma besingakwazi yini ukuma senzele nje indlela yokushintsha ukuma okwemizuzwana embalwa, senzele izwi lomkhuleko. Futhi manje, ngaphambi kokuba sikhuleke, uma kubakhona noma ubani lapha ongathanda ukukhunjulwa emkhulekweni, ungavele uphakamise izandla zakho. Akunandaba ukuthi kuyini, Uyakwazi okungaphansi kwesandla sakho. Futhi ngiphakamise ezami zombili.

Asikhothamise amakhanda ethu manje, njengoba sisondela kuYe.

11 Baba wethu waseZulwini, singabantu abanenhlanhla kakhulu ukuba sihlale ndawonye namuhla ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, ngaMoya munye, bonke babhaphathizwa kuloMzimba owodwa, futhi sibe nenhlanhla yokuhlala lapha ndawonye nokwabelana izibusiso zobufakazi balaba, abantwana baKho.

12 Futhi manje, njengoba ihora liya ngokuba leyithi, angeke sifune ukungena kulesi sikhathi esisemqoka kakhulu, ngokwengxenye yami yokukhuluma nabantu, ngokwethuka, noma ngicabanga ukuthi sifanele sisheshe siphume. Kodwa siyakhuleka ukuthi Uzothulisa izingqondo zethu, imizuzwana embalwa, futhi ulalele uqhubeke ngezikhuthazo zaKho kithi, kanye nezixwayiso zaKho. Futhi ngizoKulinda, Baba, ngalezizinto.

13 Futhi manje sikhulekela ukuthi Uzobusisa lo mkhandlu wosomabhizinisi, lamaKristu, amadoda eVangeli eligcwele, ukuze ubufakazi babo busakazeke kude nakabanzi, kube yinkazimulo nodumo lweNkosi yethu.

14 Futhi manje siyajabula ukwazi ukuthi siyeza isikhathi lapho imibuso yalelizwe izoba imibuso yeNkosi yethu nekaKristu waYo, ukuthi siyakulawula futhi sibuse emhlabeni kanye naYe, iminyaka eyinkulungwane. Sibheke ngabomvu leso sikhathi. Futhi ukuzwa amadoda ekhuluma ngezilingo zawo, nokuthi uSathane wayiyisa kanjani iNkosi yethu esiqongweni sentaba, futhi ngomzuzwana wesikhathi waYibonisa bonke ohulumeni nemibuso yezwe, futhi wanikela ngayo kuYo, kodwa Yayinqaba isiqothu, ngoba Yayazi ukuthi ngelinye ilanga Yayizoba yindlalifa yayo. Futhi asibheki izinto eziqhubeka okwesikhashana kakhulu manje, kodwa sibheka ekupheleni komgwaqo, lapho imivuzo inikezwa khona.

15 Baba, siyakhuleka, kulokhu ukusa, ukuthi Uzokwenza izinhliziyo zethu zibe nesizotha phambi kwaKho, njengoba silalela. Ngikhulekela ukuthi Uzokhuluma nathi, Nkosi, ngezindebe ezifayo. Sengathi singaKuzwa ngezindlebe ezifayo. Futhi-ke sengathi thina, ngokubuyisela, singalalela konke Osiyala ngakho. Silindele kuWe manje njengoba sifunda iZwi laKho elingcwele kakhulu, ukuya lapho isisekelo sokukholwa kwethu—kwethu kulele eZwini elilotshiweyo. Sikucela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ningahlala phansi.

16 Futhi manje, eZwini, ngithanda ukuba niphenye ukufundwa okumbalwa komBhalo, ikakhulukazi ezindaweni ezimbili, okwamanothi ambalwa engiwabhale phansi lapha, engingathanda ukuba, njengesifundo sikaSonto sikole, ukuphawula ngaso imizuzwana embalwa, uma nithanda. UDuteronomi 4, elokuqala, uDuteronomi 4:10 ne 11. Ngingathanda ukufunda lamavesi.

> *Ikakhulu ngosuku owema ngalo phambi kweN*KOSI *uNkulunkulu wakho eHorebe,* na*lapho iN*KOSI *yathi kimi, Ngibuthele abantu, ngiba*thathe *bezwe amazwi ami, ukuze bafunde ukungesaba zonke izinsuku zokuphila kwabo emhlabeni, bafundise abantwana babo.*
>
> *Wasondela wema phansi kwentaba; intaba yavutha umlilo phakathi kwezulu,* na*mafu amnyama, no*gqinsi lo*bumnyama.*

17 Bese kuthi-ke kumaHeberu 12:25. Sifunda laMazwi avela kumaHeberu 12:25.

> *Bhekani* ni*ngamali okhulumayo. Ngokuba uma bengaphunyukanga labo ababemala lowo owabaxwayisa emhlabeni, kakhulu asiyikuphunyuka*

*thina, uma sifulathela...okhuluma ese...okhuluma esezulwini:*

18 Manje, lawo amaZwi athi ukuba yinqaba ukuwafunda e—ekudleni kwasekuseni kosomabhizinisi, kodwa sengathi iNkosi ingaWabusisa ezinhliziyweni zethu. Futhi manje ngingathanda ukuthatha le ndaba encane. Ukuthi bengi...Kulokhu ukusa, bekuphezu kwenhliziyo yami ukukhuluma ngendaba, "IGazi eMlayezweni." Futhi ngivele ngakweqa lokho, ngasizathu simbe, ngingazi ukuthi kungani. Kodwa ngifuna ukwenza indikimba lapha, kulokhu ukusa, yaleyo eyinqaba, kodwa ngikuphe isihloko sayo: *IZwe LiyaHlakazeka*. Leyo yindikimba eyinqaba, kodwa ngi—ngizizwa ngiholwa ukuba ngikhulume ngakho: *IZwe LiyaHlakazeka*.

19 Manje sikulokhu, kuyilokho esikubiza ngo "Lwesihlanu oluhle," noma uLwesihlanu oluhle lukaNkulunkulu. Angazi ukuthi kungani sikubiza kanjalo, "uLwesihlanu oluhle." Kodwa sisekuqaleni nje, kolunye uchungechunge lwa—lwamaholide, izinsuku ezingcwele izwe elizibeka eceleni, izwe lomKristu, uku—ukugubha esikhumbuzweni, izehlakalo ezinkulu ezingokomBhalo ezenzeka ezikhathini esezadlula, izinto ezinkulu ezenzekile. Futhi siyazisebenzisa futhi senze isikhathi sokugubha lezo zinto ezenzekile. Uma uNkulunkulu...Uma—uma uNkulunkulu ubelapha kulelizwe lamaKristu ngalesisikhathi, nalokho okubizwa ngezwe lobuKristu, Ngiyamangala ukuthi isimo saKhe besingaba yini ngendlela yethu yokugubha esinakho e—esikhumbuzweni salezizinsuku ezinkulu nezikhathi esibe njalo—njalo.

20 Futhi amadoda ayahlangana, ngethemba lokuthola okuthize. Bafuna ukwazi, ukuthola isisombululo noma uhlobo oluthile lwenqubo, isikhathi somgudu wokuphila, ukugcina izwe lwethu lindawonye. Sibuthana lapha kulokhu ukusa ngaleyonhloso.

21 Amadoda ahlangana eziyingini ezahlukene, ukuthola ukuthi kukhona okuthile okungalungile. Sonke siyazi ukuthi kukhona. Futhi kukhona okungalungile ezweni, futhi sifanele sizame ukuthola lokhu. Futhi amadoda abuthana kulezi ziyingi ukuze athole ukuthi isisombululo siyini. Lokhu kwenzeka izikhathi eziningi ezweni lakithi, lokhu esikubiza ngo "kuhlakazeka." Siphila esikhathini lapho okwethu—okwethu...hhayi isizwe sethu kuphela, kodwa izwe lethu lonke liyahlakazeka. Kubonakala kungekho lutho olunesisekelo, lokho ngukuthi, olungama.

22 Sizamile ezintweni eziningi ezahlukene. Sine—sizamile ukufundisa izwe, ekuqondaneni omunye nomunye. Thina... Futhi sibe nezinqubo ezehlukene zeNhlangano yeZizwe, nama U.N., nokunye nokunye, ukuzama ukuletha ukuqonda kumuntu. Izwe lomKristu lizamile ukufundisa abantu ukuqonda. Sazamile

ukubenza ihlelo ekuqondeni. Futhi kubonakala sengathi sibuyele emuva ngqo, njengoba bekuhlala kwenzeka, zonke izinqubo ziyahlakazeka, okuthile akulungile.

23 Sifuna, ngokwangempela ukucabanga ngalokhu, imizuzu embalwa elandelayo. Ungakufaki lokhu manje, ukusho nje, "Awu, sahamba yaya ngaleya sase sihlala phansi. Saba nesidlo sasekuseni. Sezwa ubufakazi, nokunye nokunye." Kodwa ake thina, ngazo zonke izinhliziyo zethu, sehlele kulokhu futhi sicabange ngakho.

24 Khumbulani, ngukuphila kwethu, futhi akukho okubaluleke ukwedlula ukuphila kwethu. Akusekho okubaluleke kakhulu, kungakhathaleki ukuthi sizuza kangakanani ezweni, noma ukuthi siba mkhulu kangakanani lapha, kodwa sifanele sifike ekupheleni komgwaqo. Bese kuthi-ke i . . . Leso yisikhathi sokusho isikhathi, futhi sifanele sisondele kuso ngobuqotho esikwaziyo ukuthi kwenziwa kanjani.

25 Ngenkathi, abantu ngezinye izikhathi, ngenkathi abantu bezama ukuthola indlela ethize yokwazi ukuphila, futhi baya ezinqubweni. Futhi indlela kuphela abangaya ngayo kunoma iyiphi enye inqubo, kunendlela uNkulunkulu ayindlalile, wukusuka eZwini laKhe. Amadoda kweminye iminyaka akwenzile lokhu, izikhathi esezadlula. Bonke bazama ukuphuma, futhi bazama ukulawula izwe, futhi benze inqubo yezombusazwe, nezinto ezehlukene ukuzama ukulawula nokubamba i—izwe ndawonye. Futhi, bona, ukuze benze lokho, bafanele basuke ecebweni likaNkulunkulu lokukwenza. Niyabo? Bona ba . . . UNkulunkulu unendlela yokugcina lento ihlangene. Futhi indlela kuphela umuntu angake athathe ngayo enye indlela, uzofanele asuke endleleni yasekuqaleni.

26 Niyabo, ngaphambi kokuba kube namanga, kufanele kube neqiniso ukuthi lawo manga avela kulo, ngoba amanga iqiniso eliphendukezelwe. Sonke isono singuku—singukulunga kuphendukezelwe. Yilokho kuphela isono esiyikho, uku . . . Niyabo? Udeveli akakwazi ukudala lutho. Uphendukezela lokho uNkulunkulu akudalile. Munye kuphela uMdali, futhi lowo nguNkulunkulu. Amanga yiqiniso eliphendukezelwe. Ukuphinga kuyisenzo esifanele esiphendukezelwe. Futhi noma yini i, engalungile, ngokulungile okuphendukezelwe.

27 Ngakho, ngakho-ke, ukuthatha noma iyiphi enye inqubo yokugcina izwe ndawonye, kunenqubo kaNkulunkulu, kuwukuphendukezela. Ngakho-ke noma yini ephendukezelwe ifanele ibe nesiphetho, ngoba yonke into eyayinesiqalo inesiphetho. Yizinto ezingazange ziqale, ezingafi neze, ezingenasiphelo.

28 Futhi yinye kuphela into engazange iqale, futhi leyo kwakunguNkulunkulu. Ngakho-ke, indlela kuphela esingaze siphile ngayo Phakade ngukuba nokuPhila kukaNkulunkulu

uQobo kithi, futhi lokho ngukuPhila okuPhakade. Futhi thina . . . UNkulunkulu wazehlukanisa Yena uqobo phakathi kwethu, futhi wanikeza uMoya waKhe njengoba Enza ngePhentekoste, futhi Kwabonakala emifanekisweni yoMlilo, eNsikeni yoMlilo eyazehlukanisa Yona uqobo phakathi kwabantu, ukunikela ukuPhila kwaKhe uQobo kubantu. Futhi ngalokhu, umqondo kaKristu ufanele usebenze phakathi kwethu.

29 Futhi uNkulunkulu uyiZwi. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu." Futhi UsenguNkulunkulu, kunjalo, yiZwi. Futhi lapho sisuka eZwini, khona-ke sisukile kuNkulunkulu. UJesu wathi, "Uma nihlala kiMi . . . " Nansiya imfihlakalo yabo. Nansiya imfihlo. "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi kini, khona-ke celani enikuthandayo." Niyabo? UMbono ngowokuqala. IZwi likaNkulunkulu lifanele lihlale *lapha*.

30 Ungeke wathatha izivumokholo nezimfundiso ezigqamile, nokunye nokunye, futhi uzibethele kuwe, futhi uthathe izimfundisoze ezithile futhi uzixube neZwi likaNkulunkulu, bese-ke uba noNkulunkulu ukuba akuhloniphe. Kufanele kube ngokoqobo, okumsulwa, okungaxutshwe nalutho, iZwi likaNkulunkulu, futhi yilokho kuphela. Yilokho kuphela. UNkulunkulu ngeke axubane nanoma yini ephendukezelwe. UnguNkulunkulu ngokuphelele, kukho konke.

31 Manje, njalo, kuzo zonke izikhathi, sibe nalezi zinto, zabantu a—abazama ukuphendukezela iZwi likaNkulunkulu, kanye nokuthatha olunye uhlobo lwezinqubo. Futhi—futhi bathola, emva kwesikhathi eside, bathola njengoba nje sibona namhlanje, lo 1963, bathola izwe lihlakazeka. Impela kuyenzeka. Ngoba, ngeke kubambelele, kungengaphezu kwalokho okwashiwo uDaniyeli e—embonweni wakhe, incazelo yamakhosi, ukuthi, kungengaphezu kokuba insimbi nobumba kuzohlangane ndawonye, kanjalo neZwi likaNkulunkulu lingaxubana nanoma yini enye. Ngeke nje kukwenze. Kufanele kube yiZwi. Yilokho kuphela.

32 Manje sithola ukuthi ezombusazwe, ngezinsuku ze—zezwe uNowa ayephila kulo, zasezengamele. Nenqubo yezemfundo nezwe lamabhizinisi elikhulu langalolo suku yayi—yayizikhazimulisile endaweni lapho u—ukwakhiwa kwezakhiwo, kwezivivane namakhanda amabhubesi amakhulu anekhanda lomuntu aqoshwe ngamatshe, nokuthile ebesingeke sikwakhe ngokuhlakanipha namuhla.

33 Uma kukhona noma ubani oke waba seGibhithe, futhi wazibona i—izivivane nokunye nokunye, asinalutho manje olungake lwakhe esisodwa esifana naso. Qhabo. Kodwa babethuthuke kude kunathi, ngemfundo. Babethuthuke kude kwezesayensi.

34 Bese-ke bethola ukuthi, izwe liqala ukuhlakazeka. Futhi uNkulunkulu wabathumelela umlayezo, kodwa bawenqaba. Futhi kwakungumlayezo olula, olula kakhulu, ngomlimi olula kakhulu, kodwa bawenqaba futhi bawala. Futhi izwe labo lahlakazeka. Impela.

35 Into efanayo yenzeka eSodoma, isikhathi saseSodoma, lapho ukuziphatha okubi kwakuse—semnyakazweni. Futhi bakha amadolobha, nokunye nokunye. Kodwa, uthola ukuthi, uNkulunkulu wathumela inqubo yaKhe phakathi lapho, khona-ke bayenqaba, futhi yahlakazeka. Kukwenza njalo.

36 Manje, into efanayo ikhona namhlanje. Sisosukwini olufanayo njengoba kwakunjalo. UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, nasemihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekuFikeni kweNdodana yomuntu," yonke into iyavuthuka futhi iyahlakazeka. I. . . Yakhelwe phezu kwesihlabathi, futhi izofanele iguguleke phansi. Futhi sithola lesosikhathi esikhulu njengoba sasinjalo ngaleyonkathi, ngakho-ke ku—kusekhona nanamuhla.

37 Futhi ngesikhathi sokufika kweNkosi yethu uJesu, ezinsukwini zasekuqaleni za—zangesikhathi Ezalwa, sithola ukuthi izwe, ngalolosuku, lihlakazeka, ngenkathi Ezalwa ezweni. Sithola ukuthi izwe lezenkolo . . . Njengoba ngifuna ukukhuluma ngakho, kulobubusuku, ngokubethelwa, ngasentweni ethile ngalolohlelo. Bona . . . Sithola ukuthi amaJuda ayesanda kungcolisa kakhulu inqubo uNkulunkulu ayebanike yona, eZwini laKhe, kwaze kwangabe kusaba bikho ubuqotho, imihlatshelo yabo—yabo—yabo, nakuba bakwenza, ngokwamagama. Futhi benza imihlatshelo yabo. Lapho umJuda . . .

38 Ayikho into emnandi edlula uNkulunkulu amukela isibambiso. Ngenkathi, umuntu onile, noNkulunkulu wamukela isibambiso. Egcwele umusa, Wayenjalo, ukwenza into enjalo. Lapho umJuda ehla ngomgwaqo, nenkunzi yakhe noma iwundlu lakhe, ukuyonikelela umhlatshelo, futhi wakwenza ngokusuka ekujuleni kwenhliziyo yakhe, kwakuyinto enkulu. Kodwa, emva kwesikhashana, kuba isiko lomndeni. Bavele behla base benikela ngenkunzi, futhi, "Awu, sekuyisikhathi somhlatshelo, ngakho-ke sizovele sihambe bese sinikela ngalenkunzi ethile."

39 Kuba i—isiko. Ngicishe impela ngikholiseke ukuthi yilokho okwenzekile enqubweni yethu yobuKristu. Ukuthi, emahlelweni ethu ahlukene no—nozalo oluzibiza ngamaKristu, sesifike kuleyondawo. Lapho . . . Futhi ngisho nakithi, maPentecostal. Manje, khumbulani, umuthi uya kuwo wonke umndeni. Futhi thina, maPentecostal, sizifaka thina kulokho. Futhi simangalile.

40 Izwe lonke lePentecostal namuhla liyahlakazeka. Yonke inqubo, yamaMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, i—inqubo yonke yenkolo iyahlakazeka. Siyakubona. Siyazi ukuthi lelo

yiqiniso. Izwe lethu likazwelonke lezombusazwe liyahlakazeka. Yonke into isisekupheleni. Njengoba u-Isaya asho, "Sekugcwala i—izilonda ezibolile." Kungukuthi, nje, wonke umzimba wonakele.

41 Kukhona okuthile okufanele kwenzeke. Futhi kuzoba ngaphezu kwanoma yiyiphi inqubo noma ukuqonda okwenziwe ngumuntu, lokho kuzofanele kukubuyisele ezimeni zakho ezifanele futhi.

42 Ngiyazi ukuthi lesi yisithombe esingajabulisi, kodwa kuyiqiniso. Sifanele sibheke izinto ncamashi njengoba zinjalo, futhi asikho isidingo sokucaphuna noma yini ngaphezulu, noma ukuyimboza, njalo, kodwa phuma nje futhi usho iqiniso ngakho. Okulungile kulungile, nokungalungile akulungile. Niyabo? Futhi sifanele sikubheke.

43 Futhi siyazibona izizwe namuhla. Impilo yethu—yethu yezombusazwe nekazwelonke ibole kwaze kwafika emnyombweni. Konke kugcwele i—izinto, noma ukonakala kukamabonakude, kwazo zonke izinhlobo zamahlaya angcolile, angamanyala, namahlaya ahlanzisayo, naphambi kwentsha yakithi.

44 Futhi i—izikole zonakele kakhulu! He! Ngivela e-Arizona. Ngi—ngangikwesinye sezikole ezinkulu, ngoluny'usuku, futhi ngibona lawomanenekazi asemancane nezinsizwa, abafana, laphaya kuleyokhempasi, bebhuquza. Ngathi, "Ngethemba ukuthi ngeke ngidingeke ukuba ngithumele omunye wabantwana bami endaweni efana naleyo."

45 Futhi ngokonakala okunjalo, nokho, ebizwa—ebizwa ngeMelika. Okunye okubi kunakho konke engake ngakubona ukuziphatha kwamaMelikana e—ezingxenyeni ezahlukene zezwe. Sihlala sikhuluma ngelinye izwe. Kungcono sishanele iminyango yethu ihlanzeke ngaphambi kokuthi sisho noma yini ngomunye umuntu.

46 Futhi thina maPentecostal besifanele sishanele iminyango yethu kancanyana, nathi, ngaphambi kokuthi sihambe simpongoloze ngePresbyterian neBaptisti. Ngoba, inqubo yethu yonakele nje futhi iyahlakazeka njengoba eyabo injalo. Niyabo? Siphila kulolo suku nje.

47 Futhi manje sifuna ukukhumbula ukuthi, ngalezizinsuku uJesu azalwa ngazo, sithola ukuthi babenohlobo olufanayo lwenqubo. Babengenabo ubuqotho. Bavele behla futhi—futhi baba ngumJuda, futhi wasokwa ngosuku lwesishiyagalombili. Futhi empeleni waba umJuda.

48 Awu, sinento efanayo namhlanje. Babayisa esontweni futhi babhaphathize baphe negama lobuKristu izingane. Futhi—futhi khona-ke into yokuqala, niyazi, ngani, bangabalelobandla. Futhi uyababuza ukuthi bangumKristu yini. "Impela, ngingumKristu. NgingumMelikana."

Futhi ngesinye isikhathi emgqeni womkhuleko, ngabuza inenekazi, ngesinye isikhathi, "Ingabe ungumKristu na?"

49 Lathi, "Awu, ngizokunikeza ukuthi uqonde, ngishisa ikhandlela njalo ebusuku." Manje, njengokuthi lokho kwakuhlanganise utho nobuKristu.

50 Omunye wathi, "Ngi, awu, ngiyi—ngiyi*kuthi-no-kuthi*. NgingowePresbyterian. Ngiyi*lokhu*." Lokho namanje akusho lutho.

51 Lokho akungaphezu kokuthi ungabeka uphawu enkomeni. Ubunga—ubungabeka uphawu lwe-Hereford phezu komthuthambi. Ngeke kwenze nomnci umehluko. Lokho akushintshi ingaphakathi lomuntu. Uyilokho oyikho, ngokuzalwa kwakho, futhi lokho kukuKristu. Niyabo? Si—sisanda kuthola lezi zimpawu, no—nokunye nokunye. Kungukuthi, thina . . . Sinayo yonke into enqubweni nasenkucunkucwini.

52 Futhi sikuthola ngaleyondlela ngesikhathi sokufika kweNkosi uJesu. Njengoba bengicabanga, ngenisa ukuphila kwaKhe, ekuzalweni kwaKhe kanye nasenkonzweni yaKhe; manje-ke, kulobubusuku, ukubethelwa kwaKhe. Yonke into iqala ukonakala. Benza iZwi likaNkulunkulu laba-yize, ngamasiko abo, ngakho-ke izwe lonke lalihlakazeka. Sonke isizwe sasibheke othile noma inqubo ethile eyayingabakhipha kukho, lokho ngukuthi, ukubahlanganisa ndawonye. Babekhohlakele kakhulu kangangokuthi bazi ukuthi babengenakuyibamba indlela ababehamba ngayo, futhi—futhi babebheke okuthile ukuba kubahlanganise.

53 Uma leso kungesona isithombe sezwe lethu namuhla, angilazi izwe. Kunjalo. Yisithombe sezwe lethu namuhla. Yonke into ibheka inqubo noma—noma okuthile okuzosihlanganisa. Kuyisithombe sakho namuhla. Lalibheke inqubo ethile noma okuthile okwakuzoligcina lingahlakazeki. Njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, kunjalo namanje, futhi. Kuyaphindwa futhi.

54 Izwe lezenkolo ngalesosikhathi lalibheke uMesiya othenjisiwe. Bonke abaJuda bayokutshela, amakholwa aqinile ngempela, "Impela, sesibe, iminyaka eyizinkulungwane ezine, sibheke uMesiya. Futhi siyakholwa ukuthi U—Uyeza. Impela, siyakukholwa." Izwe lezombusazwe langalolo suku lalibheke uMesiya. Futhi zonke ezinye izizwe, ngasinye, sasibheke uMesiya. Futhi lapho Esefikile, benza kuYe njengoba nje benza ngezinye izikhathi.

55 Babebheke okuthile okwakuzobahlanganisa ezinsukwini zikaNowa. Futhi ngenkathi uNkulunkulu ebathumelela isithunywa, kwenzekani na? Bakwala.

56 Futhi bayakubheka, yonke iminyaka. Kwenzeka ngaleyondlela. Bavele . . . UNkulunkulu uzokuthumela kubo.

Futhi khona-ke bavele nje...Bayakwala. Ngoba, ngani? Akuhlangabezani nokunambitha kwabo. Niyabo? A—abakufuni ngendlela uNkulunkulu afuna ukukuthumela ngayo. Bakufuna ngendlela abakufuna ngayo. Bakutholile konke, indlela okufanele kube ngayo, futhi uma kungafiki ngaleyondlela, khona-ke, "Akukhona okukaNkulunkulu." Niyabo? Bekuhlale kungaleyondlela.

57 Kuyinto efanayo namuhla. Akufiki ekunambitheni kokunambitheka kwesayense yethu yezenkolo. Kodwa Kufika ngendlela yamandla okubonakaliswa kokuvezwa kwesithembiso sikaNkulunkulu sonyaka. Ncamashi. Kodwa, nokho, njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, bayaKwenqaba. BaKwenqaba ngalesosikhathi. BaKwenqabile namuhla, ngoba aKuhlangabezani nokulindelwe kosuku ngendlela abantu abaKulindela ngayo.

58 UNkulunkulu unokulindela. UNkulunkulu uyazi ukuthi yini ezokwenzeka, ngoba Akanasiphelo, ngakho-ke akukho lutho oluhamba ngokungalungile. Konke kuhamba kahle ncamashi, ngoba Akanasiphelo. Futhi Angabikezela ukuphela kusukela ekuqaleni, ngoba UnguNkulunkulu. Ungacabangi ukuthi uSathane ubeka noma yini phezu kwaKhe. O, qhabo. O, qhabo. Konke kusebenza nje ukuveza obala izingxenye zaKhe ezingahlukaniseki, yikho konke. Angaba kanjani uNkulunkulu omkhulu ongenasiphelo, Owayazi yonke into, futhi wavumela yonke into...Kuyizingxenye ezingahlukaniseki nje zikaNkulunkulu zivezwa obala.

Futhi uveza obala impilo yakho, kolunye uhlangothi noma kolunye.

59 Futhi yingakho izinqubo zethu zingena, futhi bangamukela noma yini, engeyendlela yenqubo, yingenxa nje yokuthi bayasuka endleleni yasekuqaleni edaliwe uNkulunkulu abenzela yona ukuba bakwenze. Indlela yaKhe yo—yokuthumela izinto ngezinye izikhathi akuhlangabezani nokunambitha kwethu. Ngiyazibuza, namuhla, uma uNkulunkulu ephendulile ukukhala kwethu ngoMesiya wethu esimkhalelayo namuhla, ngiyazibuza ukuthi besizokwenza into efanayo yini naleyo abayenza emuva lapho.

60 Manje, sonke sibheke okuthile. Siyakwazi lokho, njalo. Wonke umuntu ubheke okuthile. Bengilalele, lesi sixuku. Ngilalela osomabhizinisi. Ngiya kubefundisi. Ngiya emahlelweni ahlukene. Wonke umuntu ulindele okuthile. Isizwe, sizwa izinkulumo zezombusazwe, babheke okuthile okuzovela. Kuyini na? Ngiyakuzwa kosomabhizinisi abangamaKristu. Ngiyakuzwa ezingqungqutheleni. "O, isikhathi esikhulu siyeza! Isikhathi esikhulu siyeza!" Manje, khumbulani nje, kuzoza ngendlela ehluke ngokuphelele kunaleyo ocabanga ukuthi

kuya ngayo. Niyabo? Ngeke neze kube yilokho kuphela, lokho ocabanga ngakho. Akukaze kube njalo. Niyabo?

61 Nezwe lethu lezombusazwe, namuhla, nezwe lethu lezenkolo, linjengoba nje lalinjalo ncamashi ngezinsuku zokufika kokuqala kukaMesiya. Lingcolile. Yonke inqubo ibolile. Ezombusazwe zethu, ngeke zibe zimbi kakhulu. Futhi inkolo yethu, angiboni ukuthi ingaba yimbi kakhulu kangakanani kunalokho eyikho manje. Yonke into yonakele; izwe lethu lezombusazwe, izinqubo ezenziwe abantu, ne—nezimfashini. Thina nje . . .

62 Sifuna yonke into nje, yonke into, ukuze sithathe kalula, futhi sithathe umhlalaphansi, futhi sithathe ukuphila kalula. Ukuphila kwakungahloselwe ukuba kube lula. Ukuphila kungumzabalazo. Noma yini enokuphila iwumzabalazo. Bheka izihlahla, ukuthi zizabalaza kanjani. Bheka konke okunokuphila; kungumzabalazo. Futhi lapho sizama ukuthola uhlobo oluthile lwenqubo ekuthatha kalula, khona-ke sinephutha. Futhi siyazi ukuthi kukhona okungalungile.

63 Ngilalelile, namuhla, kwethelevishini yethu—yethu ne—nezinhlelo, namaphepha ethu, nazo zonke lezizinto ezenzekayo, futhi wonke umuntu usho ihlaya. Ezama ukuthola . . . UmMelikana wakhelwe phezu kwesigejane sokuhleka, uhlobo oluthile lwehlaya, njengo-Ernie Ford nazo zonke lezo zihlabani zikamabonakude. Ukuze zenze konke . . . Futhi amabhayisikobho ethu yonakele kakhulu, awasakwazi ukonakala futhi. Yilokho kuphela.

64 Kungibeka emqondweni womfana omncane odlula emathuneni, eshaya ikhwela, ezama ukuzenza yena uqobo acabange ukuthi akesabi. Kodwa yingalesosizathu eshaya ikhwela. Niyabo? Uyesaba. Futhi yilokho okubalulekile. Uyazama, izwe namuhla, lizama ukukuhleka kusuke. IMelika iyihlaya futhi yazini ukuthi inombolo yethu iphezulu. Ilinganiswa esilinganisweni futhi ifunyanywa ilula. Uma uNkulunkulu uMninimandla onke engasidwenguli lesi sizwe sibe yizicucu, Uzoba—Uzobophezeleka kwiSodoma neGomora, ukulivusa futhi axolise ngokulishisa kwaKhe. Kulungile. Silahliwe. Umhlaba wonke ulahliwe. Uyahlakazeka, futhi ayikho indlela yokuwusindisa. Usuvele ulonile usuku lwawo lomusa.

65 Sikhuluma ngemvuselelo na? Siphila emlotheni wemvuselelo. Isidlulile, kudala. Futhi nokho sizama ukwakha inqubo ethile phezu kokuthile. O, he! Konakele. Sifanele siqale futhi . . . Bona, izinhlelo zethu zenkolo, impela zaphenduka iphunga elibi emakhaleni kaNkulunkulu, njengoba kwenza ezinsukwini zika-Israyeli, uhlelo lwethu lweMethodisti, izinhlelo zethu zeBaptisti, izinhlelo zethu zePentecostal.

66 Omunye wathi kimi, kudala, kungekudala, “Wabalahla kakhulu labobantu bePentecostal, kungani uhlala nabo?” Ngiyabathanda. Yileso isizathu. Uthando luyalungisa. Uma lungenjalo . . .

67 Ukuba-ke omncane ubemi phandle lapha emgwaqeni, futhi—futhi uphandle lapho enza inqwaba yodaka phakathi nomgwaqo, lapho lezozimoto zidlula khona na? Wena uthi, “Junior, mayibusiswe inhliziyo yakho encane, s’thandwa. Awufanele uhlale phandle lapho. Uma usulungele, ngena.” Akulona uthando lolo. Awumthandi umntwana wakho. Futhi ubuyomkhiphela lapho, futhi umdluthule aphume kulowomgwaqo. Futhi uthole induku futhi umfundise ukuthi akafanele aphinde aphume lapho, uma umthanda ngempela.

68 Futhi yilokho okuyinkinga ngenkonzo yethu namuhla. Balapho. Ithikithi lokudla. Udaba lwehlelo, futhi bayesaba ukuphatha iVangeli ngendlela Elifanele liphathwe ngayo. Baze babe lapho, ufanele ukulethe eqinisweni. Kunokuthile okungalungile, futhi siyakwazi. Sisekela izinqubo esikhundleni soMbuso kaNkulunkulu. Futhi siyazi ukuthi kukhona okungalungile. Konakele.

69 Ngicabanga ukuthi izinsuku zethu zePentecostal seziyiphunga elibi. Sidlala umculo, futhi sigxume phansi naphezulu e—ezikhaleni eziphakathathi kwezihlalo, futhi sisine, futhi sigijime phansi naphezulu. Nabesifazane abanezinwele ezigundiwe, nokokugcoba umlomo ebusweni babo, nezinto ezinjalo. Futhi bagijigijime lapha, besina eMoyeni, kanye ne . . . kubiza, begqoke ilokwe, elinamathele ngokwanele ukubeka isikhumba ngaphandle. Futhi silindele ukuthi uNkulunkulu ahlangane nathi enqubweni enjalo na? Akasoze akwenza. Niyazi, uNkulunkulu akafiki emigomeni yakho. Uza emigomeni yaKhe noma awuzi nhlobo.

70 O, sikhuluma ngabantu abangena futhi bemukela uMoya oNgcwele, nezinto ezinjalo. Futhi ngiye nga . . . Impela, ngiyakuthakasela lokho. Ngiyakuthakasela. Kodwa bukani lapha esikwenzile, bangane. Sakhe amahlelo ethu phezu kobufakazi obuthile obubonakalayo, njengoba sithatha ukukhuluma ngezilimi. Ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi, impela, kodwa yonke into ekhuluma ngezilimi ayinawo uMoya oNgcwele. Ngiyisithunywa senkolo. Ngibabonile abathakathi bekhuluma ngezilimi futhi behumusha, futhi benikeza incazelo eyiyo kukho, futhi baphuze igazi ogebhezini lwekhanda lomuntu, futhi bamemeze udeveli. Kulungile. Buyelani eZwini likaNkulunkulu lapho ningobakhona. Sukani kulezizinto. Ukuphila yilokho okushoyo esidalweni esingumuntu, ukuPhila kukaKristu. Ungaba kanjani okaKristu futhi ubambelele kulezi zindlela na? Khona-ke niyabo lapho sibheke khona na?

71 Ibandla lePentecostal, ngenkathi liqala, eminyakeni engamashumi amahlanu edlule, futhi uMoya oNgcwele waqala ukuwa futhi abantu bemukela isiphiwo sokukhuluma ngezilimi, khona-ke uqala ukufaka yonke into kukho, wakha ihlelo *lokhu*, na*lokho*, no*kunye*. Futhi buka ukuthi ukuphi namhlanje, kuze kube sekubole yonke into. Kunjalo. Yonke inqubo yonakele, futhi liyahlakazeka nje nalolonke izwe. Konke kufanele kukwenze.

"Kodwa semukela uMbuso ongenakunyakaziswa."

72 Manje, khumbulani, ezombusazwe zethu seziphumile zalandela izwe. Amabandla ethu aphumile alandela izwe. Konke kungcolile, izinsuku zethu, namuhla.

73 Ngenkathi, sasivame ukuba, kudala, lapho ngikhumbula nje, ngenkathi ibandla lethu elidala leBaptisti ezansi lapho esifundazweni saseKentucky, ngenkathi babenalabo besifazane abayimfashini endala namadoda ehlezi ngalapho, nalabo. Umshumayeli, izolo ebusuku, uMfowethu Crow, ekhuluma ngalawo manenekazi afake izigqoko zakudala zabesifazane ezisakepisi. Futhi—futhi babevamise, lokho abakubiza ngokuthi, ngcweliswa. Noma, futhi babephumela lapho futhi bamemeze, na—kanye na—namahephini ayephuma ezinweleni zabo lapho bekhala, futhi—futhi ehamba ehla enyuka kulezo zikhala eziphakathi nezihlalo, edumisa uNkulunkulu. Ngani, mfowethu, labobantu babenenkolo eyanele ukwenza usuku lwePentecostal luzizwe lunamahloni ngokwalo. Futhi, khona-ke, kulungile. Lowo kwakungamaBaptisti, amaMethodisti, namaPresbyterian. Kulungile.

74 Bese ubiza abaseKentucky ngokuthi i—isigejane esingafundile. Makuthi othile waseKentucky, umama oyimfashini endala, abone intombazane yakhe iphuma esitaladini, emuva lapho kulezozintaba, igqoke ipheya lezikhindi ezincanyana, njengawe nogogo kanye nani nonke enikugqokayo. Makangene, ekuseni, nezingubo zakhe zinguhhafu ukusuka kuye, zisontekile, nokugcoba kwakwe izinzipho, okukogcoba izindebe, kumbe noma ngabe kuyini, ebusweni bakhe bonke, ubekade ephumile noRicky omncane ubusuku bonke gulukunqu, emotweni yakudala eyakhelwe ijubane, egijima ezungeza, angene. Wayeyomqhumisa, elinye lalawomagatsha e-hikhori, wayengakwazi ukuvuka embhedeni izinyanga eziyisithupha.

75 Khona-ke nizibiza ngePentecostal na? Bukani usuku esiphila kulo. Futhi abashumayeli bayesaba kakhulu ukusho okuthile ngakho epulpiti, besaba ukuthi bazokhishwa enhlanganweni yabo. Kulungile. Kulungile. Sidinga uku "buyela eZwini likaNkulunkulu." Nibuyele hhayi emzweni othile, *inkulumo* ethile yokuthi "buyelani eZwini," kodwa ngiqonde inhliziyo nomphefumulo, kumuntu ngamunye, buyela eZwini likaNkulunkulu. Impela. Wenzeni na? Kungani besaba ukukusho

na? Uqala ukukhuluma ngakho, inhlangano yakho izokukhipha. Kunjalo.

76 Ngisanda kufunda isiqeshana engisinikwe ngomunye, lapha ephepheni. Kungukuthi, livela eMemphis, eTennessee. Libizwa ngokuthi, *The Tony Fontane Story*. Uma ufuna ukubona isikhangiso sebhulesque ukulingisa into enganangqondo, buka lokho ephepheni, okufanele kube yiPentekoste. Kuxhaswe yi-Assemblies of God, enye yezinhlangano ezinkulu zePentekoste. Kubukeni. Ngizokushiya lapha, owesifazane ophungule izinwele obukeka njengoJezebeli nomunye ongumFulentshi lapho. Nibiza lokho ngokuphenduka na? Ngani, imizwa. Akukho lutho kukho okuya ngasekuphendukeni. U—uMoya kaNkulunkulu uyohlanza owesilisa noma owesifazane, futhi ubenze behluke kunalokho ababeyikho. Kulungile. Kodwa yini esinayo na? SineHollywood, ithuthele ePentecost. Kuyini na? Ngenxa yezinhlelo zabo zemfundo, nento.

77 Yingaleso sizathu singakwazi ukuba nemvuselelo. Yingaleso sizathu okuthile kungeke kuqhubeke. Yingaleso sizathu besilokhu siqhubeka, ngoba ufanele ubuyele kuleloZwi futhi, mfowethu. Kulungile.

78 Usizi olunjalo lwento efana naleyo, ngaphansi koxhaso lomnyakazo wePentecostal. Ubungeke usho ukuthi uNkulunkulu uxhase into enjalo. Impela akunjalo. Kodwa kuyini na? Kuyinto enobukhazikhazi. Nibone ithelevishini eningi kakhulu. Nilingiswa kakhulu kanye nezwe. Yingalesosizathu yonke into ibolile, futhi yonakele, futhi ihlakazeka. Kunjalo. Kuyanuka, phambi kukaNkulunkulu.

79 Angikhathali ukuthi nikhuluma kangakanani ngolimi, ukuthi nimemeza kangakanani futhi nigijima nizungeze egumbini. Angikhathali ukuthi nikwenza kangakanani *lokhu*, noma ukuthi nikhula kangakanani, ukuthi nithola izicukuthwane ezingaki phakathi kwenu. Lokho akuhlangene nakho. Benifanele nikhiphe okunye kwalokho, futhi nithole uMoya oNgcwele phakathi kwenu, ozonihlanza, futhi enze ibandla langempela ngani. Nanso into. Lelo yiQiniso impela. Thina . . .

80 Esikudingayo, namhlanje, ngumprofethi weNkosi ukuba avuke enkundleni, eneZwi likaNkulunkulu, elingaxegisi ezintweni zezwe. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yilelo kuphela ithemba elikhona nge—nge—impilo ezayo, kukhona ozophatha iVangeli; hhayi egqoke amagilavu enjoloba asesontweni, akholwe kakhulu *kangaka* futhi akhiphe okuningi *kangaka*. O!

81 Nomehluko wethu wamahlelo manje ususixovele ezinhlanganweni ezicishe zibe amakhulu ayisishiyagalolunye ezehlukene. Amadikoni ethu avunyelwe ukuba nabafazi ababili noma abathathu, futhi esakhonzisa njengamadikoni. Kwesinye isikhathi umshumayeli uyoshiya ibandla elilodwa futhi aye

kwelinye, ngoba kukhona imali eningi endaweni eyodwa kunokuba ikhona kwenye. Isixuku esikhulu endaweni eyodwa nebandla elingcono, nokunye nokunye, banezilwane ezifuywayo kanye nonodoli. Futhi, o, he!

82 Sifuna amadoda abizwe nguNkulunkulu, amahhadlahhadla, avela ehlane ngaleya, nomlayezo othi njengoJohane umBhaphathizi, lowo oyohluthula isikhumba salena eminye ethiwa iminyakazo yezenkolo.

83 Yisono. Ku—kuyamdabukisa uMoya oNgcwele. Ngezinye izikhathi, emibonweni iNkosi eyinikezayo . . . Awu, ngeke ngingene kulokho manje. Niyabo? Ngabuzwa ngolunye usuku . . . Qhabo, ngizovele . . . ngizogci- . . . Uxolo.

84 Manje, eMlayezweni woku "hlakazeka." Izinto eziqhubekayo, izinto ebezingafanele ukuba zibe— ebezingafanele ukuba ezaphandle ebandleni, nokho kunjalo. Khuluma nabo ngakho, abafuni ukukukholwa. Lapho uNowa ekhuluma, abakukholwanga. Lapho uMose ekhuluma, abakukholwanga. Ngenkathi abaprofethi bekhuluma, abakukholwanga. Impela. Babenezinqubo zabo uqobo ezakhiwe. Yebo, mnumzane.

85 Ubumsulwa obuhle, o, he, bobumama bethu—bethu, ubumsulwa babesifazane bethu bePentecostal, uye wakhothama ethempelini likankulunkulukazi, iHollywood. Nalokho esasivame ukukubiza ngo "bumsulwa," sikubiza nge "mfashini." Kuyihlazo.

86 Omunye wathi kimi, esikhathini esingeside esidlule, wathi, "Mfowethu Branham, angeke yini uqhele kulabo besifazane, begunda izinwele zabo, futhi begqoka izikhindi, nezinto na? Angeke yini? Ngeke yini?" Wathi, "Abantu bakuthatha njengomboni ovela eNkosini. Angeke yini ubatshele ukuthi ibonwa kanjani imibono na?"

87 Ngathi, "Ngingabafundisa kanjani ongwaqa kuyilapho bengabazi ngisho o-ABC babo na?" Futhi lapho ushumayela kakhulu, baba babi kakhulu. Ngakho-ke, niyabo, yonke inqubo ibolile, iyahlakazeka. Yilokho kuphela.

88 UNkulunkulu ngeke asindise izwe ngenhlangano noma ngenqubo. Uzolisindisa ngoMoya oNgcwele. NoMoya oNgcwele uyiZwi elibonakalisiwe. Yizithembiso zikaNkulunkulu zibonakalisiwe. Yebo, mnumzane. Sithathe amasiko ethu futhi senza iZwi likaNkulunkulu laba yize, njengoba nje benza ezinsukwini lapho uJesu efika. O, yebo, mnumzane!

89 UNkulunkulu wathembisa ukuhlinzeka ngezidingo zethu, hhayi izimfuno zethu. Sihlala sifuna okuthile, kodwa sikufuna ngendlela engeyethu uqobo. Wena uthi, "Awu, ngi—ngifuna lokho. Ngi . . . Ya. Awu, Nkosi, sithumele *lokhu* futhi usithumele *lokho*." UNkulunkulu uyazazi izidingo zethu. Kunjalo impela. Uyasazi isidingo sethu.

90 Ukuba-ke umfanyana wakho ukubone ushefa nge—ngensingo yakho eqondile, futhi ubeyothi, “Babayi ngifuna leyo nsingo”? Wazi kangcono kunokunikeza lowo mntwana leyo nsingo. Awu, ukuba-ke ubengathi, “Babayi, ngikubonile ukwenza”? Awu, lokho kwehlukile. Wena ungumuntu omdala. Uyakwazi ukusebenzisa insingo. Ungumuntu omdala. Wena—wena—wena usuzuze ubuhlakani, ukwazi ukuthi isetshenziswa kanjani insingo.

91 Bese kuthi-ke, izikhathi eziningi kakhulu, sibona abantu bePentecostal bebona omunye ekhuluma ngezilimi, noma okuthile kwenza inkonzo yokuphulukisa, bese kuthi-ke yonke inqubo yethu yonakaliswa yinqwaba yokulingisa kwenyama okuphumayo. Babona abanye bekwenza, kodwa uNkulunkulu kungenzeka ukuthi akakubizanga ukuba wenze into enjalo. Futhi kwenzani na? Kuletha ukulingisa kwenyama, okuletha ihlazo phezu kwayo kanye imbangela uNkulunkulu ayithumela. Yini okukwenzayo na? Izinqubo.

92 Uma i-Assemblies of God inomuntu phandle enza okuthile, futhi uNkulunkulu unaye, futhi efakazisiwe, sikubona kanjalo, khona-ke amanye amaqembu afanele abe neyodwa, nawo.

93 Buka isimo esincane, esikhathini esingeside esedlule, lapho inqubo ka “Davide omncane” iphuma. Niyabo? Futhi lonke ibandla lalifanele libe noDavide omncane, abashumayeli abangamantombazane amancane nabashumayeli abangabafana. Futhi kwakuyini na? Ukuqhathanisa, ukuqhathanisa, ukuzama ukulingisa. Yilokho okusifake obishini esikulo manje. Kunjalo impela.

94 Yini eyenze nina ma-Assemblies of God nibuyele enhlanganweni ngenkathi leyo kwakuyiyo impela inqubo uNkulunkulu anikhipha kuyo na? Nizamile ukuqhathanisa namaMethodisti namaBaptisti. Yini eyakwenza waba ubunye, neyakho i “nkinga etsha,” yini ekwenze waya enhlanganweni, into efanayo Akukhipha kuyo na? Into efanayo. Uqhubeka nokwenza nje, ngokuphindaphindiwe, nokuphindiwe futhi. Awuboni ukuthi akusikho okukaNkulunkulu na? Yonke into ibolile futhi ayilungile. UNkulunkulu akakubizi ngophawu lwenhlangano yakho. Ukubiza ngokuZalwa kwakho. Impela. Yilokho uNkulunkulu akubiza ngakho.

95 UNkulunkulu uyazazi izidingo zethu, futhi sifanele siKwemukele ngendlela AnaKho ngayo. Hhayi ngokwamasiko ethu, ngeke nje sikwemukele ngaleyondlela, ngoba uNkulunkulu angeke akwemukele. UNkulunkulu ngeke ahlanganise lutho nakho.

96 Si—sibona abanye. Wena uthi, “Niyabo, othile, mina... Mfowethu Branham, ngibona umuntu othile ongenza *lokhu*, nomunye *lokho*. Udumo kuNkulunkulu, Nkosi!” He! Uma Ekwenzile, Uyokwenza. Uma Ekubize kanjalo, awudingi

ukutshela muntu ngakho. Kuzozibonakalisa. Kunjalo impela. Kodwa sifuna ukufana nje nabakwaJones, ngendlela esingene ngayo enqubweni esikuyo manje.

97 Manje—manje siyathola, kwezombusazwe zethu zamahlelo, futhi sizemukele ezombusazwe, futhi savumela ezombusazwe zihole abefundisi bethu, ezombusazwe zezenkolo zihole abefundisi bethu, esikhundleni sikaMoya oNgcwele uhola abefundisi bethu. Kunjalo. Indoda ibona iQiniso elikholwayo, angeke iye kuLo, ibandla layo liyikhiphela ngaphandle khona manje. Niyabo? Ngakho-ke, niyabo, nivumela umuntu ahole esikhundleni sokuhola kukaNkulunkulu, ngoba izimfundiso-ze zenu zezivumokholo zenu nokunye nokunye, kugcina indoda isukile kukho. IMethodisti yayingake iphume kanjani futhi—futhi ishumayele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele na? Nina bantu baseMethodisti lapha, nina befundisi beMethodisti, beningake nikwenza kanjani lokho na? Ningake nikwenze kanjani nina maPresbyterian futhi nihlale ebandleni lenu na? Bazokukhiphela ngaphandle. Uyakwazi lokho. Impela, bazokwenza. Nawe, Pentecostal, kubi ngokufanayo nje. Kunjalo impela. Inqobo nje uma kuyinqubo, yinqubo. Yonke inqubo ibolile. Futhi suka entweni, yilokho impela esifanele sikwenze ngaphambi kokuba kuke kuphinde kubuye.

98 Ningahle ningakukholwa lokho, kodwa lokhu kuyaqoshwa. Kulaleleni, eminyakeni embalwa kusukela namhlanje, uma kukhona okunjalo, futhi nizokwazi ukuthi Kuyiqiniso noma qha. Ngolunye usuku lapho iziNkanyiso zakusihlwa zikhanya, sekwephuze kakhulu ngalesosikhathi, uyothi, “Awu, leyo ndoda kungahle ukube yayiqinisile.” Kodwa sekwephuze kakhulu ngaleso sikhathi.

99 Khona impela uJesu akusho ngenkathi Efika emhlabeni. Wathi uNkulunkulu wayethumele labo baprofethi ezansi onyakeni, ngaso sonke isikhathi lapho inqubo yabo—yabo yezwe ihlakazeka, inqubo yabo yenkolo. Wathi, “Nenzani ngaye na? UNkulunkulu wathumela umprofethi futhi nina namfaka ethuneni. Impela. Bese kuthi-ke ngesinye isizukulwane, niyavuka futhi niqonde ukuthi lowo kwakungumprofethi. Bese nenzani na? Nicaka ithuna.” Nenzani na? Nenza isiko lempilo yakhe. Yilokho impela u-Israyeli ayekwenzile, wayethathe umprofethi uMose futhi benza isiko ngempilo yakhe.

100 Futhi yileyondlela esenza ngayo. UMartin Luther, uJohn Wesley, amanye amadoda. Sihlala sibheka emuva, niyabo, sibone lezozinto. Futhi nenza isiko ngempilo yabo, nicake amathuna abo. Futhi umlayezo wabo wawungowolunye usuku. Ngesikhathi uvuka, awu, lolo suku seluphelile. Sikolunye usuku. Zonke izinqubo zasebenza ngaleyondlela, kusukela ekuqaleni, izinqubo ezenziwe ngumuntu. Impela.

101 UJesu, ngenkathi Efika emhlabeni, Wafika futhi wathola ibandla nezwe lisesimweni esifanayo elikuso namuhla. Ngikholwa ukuthi Uyeza futhi. Impela nje. Ngiyakukholwa. Yinye kuphela into engalisindisa, futhi lokho ngukuFika kweNkosi. Akukho okungakwenza. anginandaba. Thina, maMethodisti, asizukukwenza. Noma, thina, maPentecostal, asizukukwenza. UNkulunkulu uyokwenza, ekuthumeleni kukaJesu Kristu. Ngikholwa ukuthi Uzoza ngokwemiBhalo nje. Uzofika. Yebo, mnumzane.

102 Yonke into isiphenduke i—ihlelo lezenkolo, eholwa yihlelo esikhundleni sikaMoya oNgcwele. Izinqubo zethu zemfundo kanye namahlelo ethu kusihole ezindleleni eziningi kakhulu ezahlukene, futhi, "Bathathe izimo zokumesaba uNkulunkulu, futhi baphika aMandla akho," khona impela nje umBhalo owathi siyokwenza. Umprofethi wathi, kuThimothewu wesiBili 3, "Kwakuyofika isikhathi lapho amadoda ayeyoba ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu; abahlebayo, abangazithibi, abangenabumnene, nabangathandi okuhle, abakhaphelayo, abanamawala, abakhukhumele."

Wena uthi, "Lokho ngamakhomanisi."

103 Lokho kubizwa ngokuthi ngamaKristu. IBhayibheli lathi, "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu futhi bephika aMandla akho, wobagwema. Ngokuba yibo laba abahamba izindlu ngezindlu, behola abesifazane abayiziwula, beqhutshwa yizinkanuko eziyizinhlobonhlobo, bengakwazi ukufunda noma ukufinyelela olwazini lweQiniso. Kodwa njengoJambre noJane . . ."

104 Khumbula, benza khona impela. Babe—babengabalingisi. Leyonto yashaya amazinga ePentecostal njengoba ikwenzile kubo bonke. Abalingisi! Lapho uMose ephonsa phansi induku, uJambre noJane baphonsa phansi induku. Lapho uMose ebiza izinto, babiza izinto. Ukulingisa kwenyama! Futhi uzosuka kanjani kukho na? Lokho akusiyo iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian. Lawo ngamaPentecostal, ngoba awenzi ngisho—awashayi ngisho amaphethelo, nhlobo, phandle lapho, abanye. Niyabo? Umprofethi wathi kuyokwenzeka. Uzokuvimba kanjani ukuthi kungenzeki na? IBhayibheli lasho njalo. Alikho iZwi likaNkulunkulu eliyoke lehluleke. YiZwi likaNkulunkulu, ngakho-ke sikutholile. Sikubona phambi kwethu. Vukani, bantu, ngaphambi kokuba kwephuze kakhulu.

105 Nithembela kunoma iyiphi inqubo, noma yimuphi umuzwa, noma iyiphi inkolelo-ze na? Yiba noNkulunkulu, futhi uNkulunkulu yedwa. Fika lapho, impilo yakho ize iguqulwe futhi uba yisidalwa esisha kuKristu. UNkulunkulu uzokunakekela konke okunye, Ufuna wenze noma yini. Yena, usekukhulumeni naYe ngalesosikhathi, Uzokutshela.

Ungazami ukuLibhuqa, futhi ukwenze njengokunye. Uma *e*bone ukukhanya, no*munye* waxukuza wonke, no*munye* enze enye into, ungakunaki lokho.

106 Abantu abangamashumi amabili nanhlanu babambe izandla zabo, izolo ebusuku, ukwemukela uMoya oNgcwele. Ngiyazibuza ukuthi bangaki. Uma kukhona indlala lapho, kukhona ukungqongqoza enhliziyweni. Nonke nifanele nemukele uMoya oNgcwele khona lapho ebenihlezi khona, ngenkathi lokho kulamba. UNkulunkulu uzimisele kakhulu ukukunika Wona kunokuba uzoWemukela. Awusoze wasiqeda isibusiso sikaNkulunkulu. Awusoze wakuqeda ukulunga kukaNkulunkulu. Awukwazi ukukwenza.

107 Ubungacabanga inhlanzi encane, eyi-intshi nengxenye ubude, phandle maphakathi nolwandle, ithi, "Kungcono ngiphuze lamanzi ngokuwonga ngoba angase angiphelele ngelinye ilanga"? Ubungacabanga igundane ngaphansi kwezinqolobane ezinkulu zaseGibhithe, lithi, "Ngizodla okusanhlamvu okukodwa ngosuku, futhi ngivumele, ngizihlelele, ngoba ngingase ngishodelwe ngaphambi kwesivuno esilandelayo"? Awu, lokho bekuyoba ubuwula.

108 Futhi kuwubuwula kakhulu ukucabanga ukuthi ungawuqeda wonke umusa kaJesu Kristu, naMandla aKhe, nesifiso saKhe. Ukulobile eZwini. Ukuthembise khona. Futhi silapha, kulokhu ukusa, sibuka into ebusweni.

109 Kodwa uma ubona izibusiso zikaNkulunkulu zizama ukufinyelela kubantu baKhe, futhi ukubabona besonteke wonke ngendlela yokuthi, Angeke angene enxushunxushwini enjengaleyo futhi alethe iZwi laKhe. Ngeke Akwenze. Yilokho kuphela. I—isitsha sifanele sihlanzwe nya. Lapho sifika phakathi kwabantu bePentecostal, sibona abesifazane abaphungule izinwele! Uyazi ukuthi akuvamile ngisho ukuthi owesifazane akhuleke nezinwele zigundiwe na? Kwenzekeni na? Umama wakho ubengeke akwenze lokho, nhlobo. Kwenzekeni na?

110 UnoRicky othile emva kwepulpiti. Unento ethize encane efundile evela esikoleni seBhayibheli lokho kwamqhelisa kude noNkulunkulu kunalokho ayengafinyelela kukho kuNkulunkulu. Uyakhubeka ngobulula bukaNkulunkulu. Kulungile. Wena wenzani na? Labo uthola iziqu zobudokotela, lokho kusho ukuthi ukude kakhulu noNkulunkulu. Lapho uthola i-Ph.D., LL.D., noma i-B.A. yoBuciko, ukude kangako noNkulunkulu. Inqubo yezemfundo iyakuxosha kuNkulunkulu.

111 Imfundo ibe ngumcabango kadeveli. Ukuhlakanipha kwezwe kube ngumcabango kadeveli, kusukela ekuqaleni, ku-Eva. Futhi kwehle njalo onyakeni, kwazama ukufaka esikhundleni ukukholwa okulula ekukholweni iZwi likaNkulunkulu. Ukuba nje u-Eva wayekholelwa iZwi likaNkulunkulu kuphela, esikhundleni sokuzama ukuthola

ukuhlakanipha okwengeziwe. Wathatha isehlakalo sakhe sasekolishi lenkolo lapho, futhi wadiliza imigoqo, wayesethola . . . wasuka kuNkulunkulu. Futhi yilokho okwenziwa amakolishi ethu ezenkolo nezinto. Kuthatha isiko le—lento ebekwe ngemuva kwalokho.

112 UNkulunkulu ulula. Ulula kakhulu, Weqa phezu kwabantu. Yeka usuku esiphila kulo! Sidinga ukubuyela kuNkulunkulu, khon-ke.

113 Hhe! Yamukela, "Siyacabanga . . ." Ya. Futhi uNkulunkulu ufanele asamukele kulelosiko na? Ngokuqinisekile Angeke akwenze. Akakaze akwenze. UNkulunkulu akakaze enze. Ngifuna usomlando othile angisole uma kunjalo, angitshele noma kuphi.

114 Umuntu owathunyelwa emhlabeni enomyalezo ovela kuNkulunkulu, kwase kuthi-ke, kwathi nje esekwenzile, wasongwa nesigejane samadoda futhi wenza inhlangano. Futhi leyo nhlangano yaya kotshala. Ayibange isavuka. UNkulunkulu walibeka eshalofini. "Liba," njengoba umfundisi omncane eshilo izolo ebusuku, "izinombolo, hhayi uMoya." Ingabe iPresbyterian yavuka na? Ngabe iKatolika lavuka eMkhandlwini waseNayisiya na?

115 Ibandla lokuqala lepentecostal lalise—lalisepentekoste. Noma, ngiqonde ukuthi, iBandla alizange liqale eRoma, kini maKatolika. Ngifuna umuntu angikhombise lapho iBandla laqala khona eRoma. Inhlangano yaqala eRoma, okwabulala iBandla. Kodwa iBandla liqala eJerusalema, hhayi eNayisiya. Niyabo? Impela.

116 Saqala kuphi na? Niyabo? Niyathola . . . UNkulunkulu uzothumela umuntu othile nomlayezo, futhi uzophethela ekuthandweni ngabantu ngezinto ezehlukene, nekhanda lakhe likhukhumele, futhi wenza inhlangano. Futhi uNkulunkulu ukubeke eshalofini ngqo njengoba Enza ebandleni eliKatolika, futhi lapho sihlezi sonke, okungumama wayo yonke into. Futhi manje inqubo yethu iyahlakazeka.

117 O, isikhathi esinje pho esiphila kuso: ya, wenqaba uMlayezo waKhe, wenqaba izithembiso zaKhe, wenqaba labo abathunyelwe neQiniso. Sifuna uNkulunkulu enze okufanayo ezinsukwini zethu, ncamashi nje njengoba E—Enza ngaleso sikhathi. Siyakubiza, kodwa-ke sizithola singcolile sonke, okombusazwe konke, amahlelo wonke engcoliswe inkohlakalo yezindikimba ezenziwe abantu. Futhi nginesigejane sezinto ezibhalwe phansi lapha ebengingafanele ngikufunde. Ngikholwa ukuthi ngizovele ngikuyeke.

118 Bukani, manje, buyelani eQinisweni leZwi. UNkulunkulu uhlala yedwa. UNkulunkulu ufuna abantu baKhe bahlale bodwa naYe. Ngeke baboshwe kunoma yini, noma yimaphi amadlingozi, isiko. Ufuna abantwana bathobele iZwi laKhe.

Angabeka iZwi laKhe phakathi lapho. UNkulunkulu wathi, uJesu wathi, "Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi kini, khona-ke celani enikuthandayo." Lokho kuphakathi kokuthi iQiniso noma akusilo iQiniso. Uma kuliQiniso, lizosebenza.

119 Manje, nifuna ukwazi ukuthi imfihlo ilele kuphi, amandla emibono nezinto na? Isemuva eZwini. YiZwi likaNkulunkulu. UJesu wayeyiZwi. Wayengukubonakaliswa kukaNkulunkulu. UNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisela izwe kuYe uqobo. Futhi WayeyiZwi. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi. ULizwi waba yinyama."

120 Futhi iZwi lifuna ukwenziwa inyama yethu. Kodwa uma sonke sisongeleke kuzo zonke izinhlobo zezinto, namasiko, futhi sivunyelwe ukuphila njengezwe, nezinto ezinjalo, khona-ke ulindele uNkulunkulu ukuba enze lokho na? Ngani, impela Angeke, angikhathali ukuthi zingaki izinto esizilingisayo.

121 Sekufike endaweni, kuze kuthi, mfowethu, kukhona into elungiselela ukwenzeka. Angifuni ukukulimaza. Ngifuna ukukubusisa. Lalela. Ngolunye lwalezizinsuku, uHlwitho luyofika, noMlobokazi uyobe engasekho, futhi aniyukwazi lutho ngakho. Ngeke bazi ngisho neZwi ngakho.

122 Wonke umuntu uyavuma, uthi, "O, ngolunye lwalezizinsuku, uJesu uyophuma esibhakabhakeni, futhi athi, 'Wozani, nonke nina maPentecostal, noma nina maBaptisti,'" kanye nemicabango yethu yendabuko ngakho. Ngeke kube njalo.

123 Umbono wami yilo. Ngolunye usuku lapho uJesu enza . . . Kwakuprofethiwe ukuthi uJesu wayeyofika emhlabeni. Futhi Wafika, Waphila, Wafa, akekho owayazi lutho ngakho, neze. Akukho ngisho nelilodwa iphesenti lamaJuda elake lazi ukuthi Wayesemhlabeni. Cishe oyedwa ekhulwini wezwe owake wazi ukuthi Wayelapho.

124 UJohane umBhaphathizi; kusukela ku-Isaya, kusukela kuMalaki, ngani, ngenkathi beprofetha ngaye, wathi, "Zonke izintaba, izindawo eziphakemeyo, ziyothotshiswa. Zonke izindawo eziphansi ziyophakanyiswa. Futhi, o, kanjani izinqama . . . A—amaqabunga ayoshaya izandla zawo, nezintaba ziyotshekula njengezinqama," zonke lezo zinto. Awu, labobantu bendabuko babekucabange konke, ngenye indlela. Futhi nakhu kufika uJohane futhi washumayela ncamashi njengoba Asho, futhi ngisho nabafundi babengakwazi.

125 Ngelinye ilanga beza kuYe. Wathi, "INdodana yomuntu ikhuphukela eJerusalema."

126 Wathi, "Awu, kungani kunjalo khona-ke, ukuthi umBhalo uyasho, ababhali bayabhala futhi basitshele, ukuthi, 'Ngaphambi kokuba lezi zinto zenzeke, ukuthi u-Eliya uyeza'?"

127 Wathi, "Usevele ufikile, futhi anizange nikwazi." Wase-ke Ebatshela ukuthi kwakunguJohane. Kodwa wathi, "Wenze

nje lokho umBhalo owathi uyokwenza, futhi benza kuye lokho okwashiwo umBhalo." Niyabo?

128 Ngolunye lwalezizinsuku, nizomangala, lapho loloHlwitho lufika. Khumbulani, kukhona cishe abantu abangamakhulu amahlanu, abangamakhulu ayisishiyagalombili abalahlekile nsuku zonke, emhlabeni wonke, abangabazi. Futhi Wathi, "Njengoba kwakunjalo emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, okwasindiswa khona imiphefumulo eyisishiyagalombili."

129 Ngolunye lwalezizinsuku, ukwahlulela kuzoshaya izwe, kushaye isizwe, kushaye ibandla, kulihlanzela isikhathi seminyaka eyiNkulungwane esikhulu esizayo. Futhi-ke niyothi, "Awu, Lasho lani ukuthi uHlwitho luyofika kuqala ngaphambi kokuba lezizinto zenzeke na?"

130 Uyothi, "Seluvele lufikile futhi anizange nilwazi." Ya. Umuntu othile osendleleni yakhe eya esontweni; inenekazi elincane liya ndawana thize ngokuvakasha; sebehambile. Awazi ukuthi kwenzeke nini. Sekudlulile. Bekulokhu kungaleyondlela. Kuyoba njalo futhi.

131 Vukani, bantu bePentecostal. Nyakazisani unembeza wenu. Qondani ihora eniphila kulo. Leli ihora elibucayi. Nina bantu, indlela enivumela ngayo abantu benu ukuba benze futhi baziphathe, ne—nezinto. Futhi kwakuvame ukuba, naninamahloni. O, kwakuyihlazo kumKristu ukuya kwibhayisikobho. Abafanele bakwenze lokho, nhlobo. Udeveli ubeke eyodwa phezu kwakho. Ugxumeke umabonakude endlini yakho ngqo, wase ekulethela ibhayisikobho, zonke izinhlobo zokonakala, nakho konke okunye, futhi niyakuvumela.

132 Bhekani izikole zethu. Bhekani okwethu . . . Phandle lapha, amantombazane amancane esitaladini, ezelulile egqoke zonke izinhlobo zezingubo ezingcolile. Futhi—futhi lapha edolobheni laseChicago, njalo ezinsukwini ezingamashumi amathathu, zinyanga zonke—zonke kuba nezigameko zokukhishwa kwezisu eziyizinkulungwane ezingamashumi amathathu, odabeni olulodwa nje.

133 Zingaki izono ezenziwe kulelidolobha izolo ebusuku na? Kwakungengcono yini ngenkathi ikentshane ikoyote ihhewula ezansi ogwadule lapha, noNkulunkulu wayibuka, ngenkathi umHopi omdala noma iNavajo idlula lapha emphemeni wakhe owakhiwe ngezinti na? Khona-kee bheka lokhu kungcola, nokunamfuzela nje, na—namasiko nezombusazwe. Futhi kuyopha, inkucunkucu embi okunuka emakhaleni kaNkulunkulu. Uzokwenza . . . onakele, phambi kwaKhe.

134 Uzoyiqhumisa ibe yizicucu, ngolunye lwalezi zinsuku. Futhi Uzoqhumisa umhlaba, futhi uyozivuselela ngokuqubuka kwentaba-mlilo. Futhi kuyofika isikhathi seminyaka eyiNkulungawe ngaleso sikhathi, lapho abalungileyo

beyophuma behambe phezu komlotha wababi, ngokwamanje, uMalaki.

135 Ngaphambi, manje, khumbulani, ngaphambi kokuba lokho kwenzeke, nokho, kukhona okwenzekayo. Sithola ukuzamazama esithunywweni ngaphambi kokuba kwenzeke, kulungile, manje, uMlayezo wethu wosuku lwethu. Manje qaphelani.

136 Siyaqaphela, ekufikeni kweNkosi uJesu, nalapho Efika osukwini lwaKhe. Qaphelani osukwini lwaKhe, ngenkathi Efika.

137 Manje sithola ukuthi iRoma yayibheke isihlakaniphi esikhulu sezempi, umesiya, obengafika futhi akhahlele iGrisi isuke emhlabeni, kanye nabo bonke abanye. Futhi—futhi ufuna. . .Babenesu. Wayenokuthile ayengenza bonke abanye babe namahloni ngabo uqobo. Babefuna isihlakaniphi sezempi. Yilokho ababekufuna.

138 U-Israyeli wayefunani na? Umesiya. Bafuna umesiya, ujenene. Bafuna kufike ujenene, othatha futhi akhahlele wonke amaRoma, futhi awagxobe aphume ezweni, futhi wamisa uMbuso eJerusalema. UNkulunkulu wayezazi izidingo zabo. Wabanikezani na? INgane; iNgane, uMsindisi. Wabanika uMsindisi. Babecabanga ukuthi babesindisiwe, kodwa Wabanika uMsindisi.

139 Futhi yilokho okuyikho namuhla. Uma Ebengathumela noma yini kithi, bekungaba nguMsindisi, ngenkathi sicabanga ukuthi sisindisiwe. Wayazi ukuthi babedingani. Namuhla, buka ezombusazwe zethu, ukuthi konakele kanjani, ngokufanayo. Ukuba-ke—ukuba-ke uNkulunkulu ubukile namuhla na?

140 Bukani eRashiya. IRashiya ikhalela umesiya. Bafuna umuntu othile, i—isihlakaniphi sesayensi, esingabayisa enyangeni ngaphambi kokuba i-United States iqale. Impela. Zonke ezinye izizwe zikubhekile. Bafuna isihlakaniphi esizobagijimisa ngaleya enyangeni, ongasungula uhlobo oluthile lwebhomu elizosusa konke, liwise amabhomu ethu e-haydrojini futhi liwamise; futhi bangathatha awabo amabhomu futhi bawanise kuwo wonke umuntu ngaphambi kokuba noma ubani omunye aqale, bese-ke bethatha izwe lonke. Yilolo hlobo lukamesiya olubhekwe yiRashiya.

141 Eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, uMesiya wangempela wabethelwa. Wathembisa ukubuya futhi. Wethembisa ukuthi uMoya oNgcwele uyokhanyisa ukuKhanya kwaWo futhi, ngezinsuku zokugcina. Ngiyamangala, uma Efika, uma besiyoba njengoba nje amaJuda ayenjalo ngalolosuku. Uma sibheka, hlobo luni lukamesiya ibandla elimbhekile na?

142 IBaptisti ibheke i—into enkudlwana kunoBilly Graham, ongathatha onke amaMethodisti, namaPresbyterian, na—

namaPentecostal, athi, "Thulani nonke. Ngizokwenza inhlangano eyodwa ngani nonke."

143 Abhekeni amaPentecostal na? Babheke isihlakaniphi esizosukuma, esingabenza bonke babe i-Assemblies. Futhi u—futhi okamunye ubheka okamunye obengenza bonke babe okamunye. Ibandla likaNkulunkulu libheke esisodwa, libenze bonke babe yibandla likaNkulunkulu.

144 Wenzani na? Nihlela izikole zeBhayibheli futhi nibafundisa; futhi nithuma labo, uNkulunkulu ayezobathumela, baqhele kakhulu kuYe kunokuba babenjalo ekuqaleni. Ngiyazi ukuthi anivumelani nalokho, abaningi benu. Kodwa noma yini . . .

145 Umama wayevame ukusitshela. Lapho siseyizinganyana, sakhuliswa sihlupheka kakhulu; abilise izikhumba zenyama futhi—futhi athole amafutha, ukuze enze isinkwa sethu sommbila. Futhi njalo ngoMgqibelo ebusuku kwakudingeka ukuba—ukuba sithathe umthamo kakhasta oyela. Thina—thina, okwethu . . . Sasine, cishe impela, isifo sokusha kwesikhumba, esiningi kangaka, sidle into efanayo, yemifino ezimilelayo, nokunye nokunye. Futhi mama . . . Ngangivame ukuyizonda leyonto. Ngiyakuzonda, namanje, namuhla, uma ngiyokuthatha. Ngangibamba ikhala lami, futhi ngithi, "Mama, angikwazi ukukuthatha. Kuyangikhinca. Kuyangigulisa."

146 Wathi, "Noma yini engakugulisi ngeke ikusize ngalutho."

147 Yileyo-ke indaba ngebandla lePentecostal namuhla. Anifuni ukulalela okuthile okuzo—okuzonisiza. Kuzokugulisa ekugayekeni kokudla kwesayense yezenkolo kwakho—kwakho, kodwa kuzokusiza. Kuzokusebenza, ubuyele eZwini likaNkulunkulu, futhi ubuyele ekuKholweni okwake kwanikelwa kwabangcwele; futhi kususe kukho konke lokhu lapha isikole seBhayibheli, ikholiji lezenkolo, nokunika abefundisi zonke izinhlobo zeziqu. UNkulunkulu akazange akhiphe idlanzana lama-aphula amuncu kanjalo. Ufuna amadoda abe nokuKholwa, akholwe osekuvele kulotshiwe. Awudingekile uqongelele enye into.

148 Ngiyazi ukuthi kunzima. Angizile ukuzonitotosa, futhi nginenze nihleke, futhi nginenze nimemeze. Ngilapha ukuzonitshela iQiniso kuNkulunkulu. Futhi nizobona, ngolunye usuku, uma ningaKukholwa manje. Ngolunye usuku uyofika lapho uzothi, "Lokho kwakulungile." Iqiniso. Ufanele ubuyele emuva.

149 Yonke into ikulesi simo. Akukho okusasele kukho, ukufika, kodwa ukuFika kweNkosi uJesu. Futhi Akayikuzela i-Assemblies of God. Akayikuzela iBaptisti. Uzozela umuntu ngamunye. Kunjalo.

150 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Futhi kwathi nje lokho kuKhanya kungashaya leyoMbewu, [UMfowethu Branham ushaya umunwe kanye.] babesekuPhileni *kanjalo*.

151 Bukani labo bosiyazi bezenkolo bemi ngalapho, ngenkathi beMbone ehlukanisa imicabango eyayisenhliziyweni yabo. Babebone inqwaba yokulingisa kwenyama, ngaphambili, futhi bathi, "LoMuntu unguBelzabule, umbhuli." Lezo kwakuyizazi zenkolo.

152 UJesu wathi, "Nina ningabakayihlo udeveli, futhi nenza imisebenzi yakhe."

153 Kodwa ngenkathi isifebe esincane senyuka, ezansi lapho, emthonjeni eSamariya. Futhi uJesu wathi kuye, "Hamba, ulande indoda yakho."

Wathi, "Anginayo."

154 Wathi, "Ukhulume iqiniso. Usube nayisihlanu, kanti nalena ohlala nayo akuyona eyakho."

155 Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi. Siyazi, lapho uMesiya efika, Uyozenza lezizinto."

Wathi, "NginguYe, okhuluma nawe."

156 Kwakuyini na? Lokho kuKhanya kwashaya leyombewu encane eyamiselwa ngaphambili, futhi masinyane yafika ekuPhileni. Kuhluke kangakanani kulezozazi zenkolo, bonke bavunziwe!

157 Wagijima wangena emzini, wathi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akusona leso kanye leso sibonakaliso sikaMesiya esisibhekile na?"

158 Nodokotela bezobuNkulunkulu basukuma, bathi, "Lowo Mfo unguBelzebule." Niyabo, abakwazanga ukuKuchaza. Babengenayo indlela yokuKuchaza. Ngakho-ke babefanele baphendule ebandleni labo, babanike uhlobo oluthile lo—lomqondo owubuwula ongowabo.

159 Into efanayo isifikile futhi, futhi amadoda ngeke akholwe. Abantu ngeke bakholwe. Amasonto ngeke akholwe. Akumangalisi. Ungeke udumazeke kukho, ngoba iBhayibheli lathi babengeke bakwenze. Kodwa nguwe ngabanye, nina enimiselwe ukuPhila. Bheka emasimini manje futhi ubone ukuthi yiliphi ihora esiphila kulo. Woza ekuPhileni. Vumela ukuPhila okwakukuKristu kungene kuwe, ingqondo.

Wena wathi, "O, ngiyacabanga. Ngicabanga *lokhu*. Ngi . . . "

160 Awunawo umcabango ozayo. Uvumela imicabango eyayikuKristu ibe kuwe, futhi lelo yiZwi. Kunjalo. Cabangani imicabango Ayeyicabanga.

161 Manje, manje, ngiyamangala, namuhla, iMelika. Ngeke nginigcine isikhathi eside. Melika, benikhala kakhulu kunakho konke. Nifunani na? Ngiza ekhaya manje ngivela ngapheshеya kwamasimu. Nifunani na? Nifunani ukuba ibuse phezu kwenu na? Nifuna isihlakaniphi sezemfundo, lokho enikufunayo. Futhi nisitholile. Angifuni ukulimaza umuzwa wenu. Ngifuna

ukunitshela iQiniso. Nisitholile, noma ngabe nifanele nisungule umshini wokuvota orobhayo. Nisitholile. IMelika, igxile kakhulu kwezemfundo, hhayi iBhayibheli; kwezemfundo.

162 Amabandla akhelwe kakhulu phezu kwesayense yezenkolo, uhlobo oluthile lwenqubo eyenziwe ngumuntu, izivumokholo. NamaPentecostal ashushumbe angena ngqo kuleyonto efanayo, njengokhuni lushushumba nje phezu kwamanzi, ukuwela idamu. Kulungile. Nifuna isivumokholo. Anilifuni iQiniso.

163 Manje qaphelani. Nenzeni na? Konke kwayimfu-. . . Niyifuna kahle kakhulu, nize nikhiphe ithelevishini yenu, futhi nifake uMnu. Nixon noMnu. Kennedy lapho, ukuhlola ubuhlakani babo ngaphambi kokuba nikwenze. Khona-ke, ngisho kukhona abantu abanele abalungile abasele eMelika babengeke bakwenze lokho; bayalazi ifa lethu. Siyazi ukuthi singabakuphi.

164 Nani maDemokhrathi! Angiyena umDemokhrathi noma umRepubliki. NgingumKristu. Kodwa nina, maDemokhrathi, oyovumela uRicky othize eze ngapha, futhi niyothengisa ngobuzibulo benu ngezombusazwe zenu, futhi nivote entweni eyasungulelwa isizwe sakithi ukuze sisuke kuyo, ngiyanidabukela. Sino-Ahabi ofanayo noJezebeli!

165 Nina besifazane baseMelika benifuna imfashini. Niyitholile i. . .Anidingi ukuya eParis manje. Ninayo khona lapha, umFulentshi wangempela, ukuninika yona. Ninokugunda izinwele zenu zibe yinkimbinkimbi, nazo zonke izimfashini zenu nezinto, enifuna ukwenza imfashini ngazo. Nikutholile khona kanye enikufunayo. Uzokuholelaphi na? Emuva ngqo eRoma, khona impela lapho kuvela khona.

166 Futhi nina maProtestane, nifuna inhlangano ethize enkulu ukuba ihole phezu kwenu, igijime phezu kwenu, ukuba inibuse. Nizoyithola, nina, Mkhandlu wamaBandla oMhlaba. Angakwenza kanjani uDavid duPlessis, umngane wami, eke, kulomkhandlu wamabandla onke akhuluma ngawo, nokuletha lababantu bePentecostal kulokho na? Yini inkinga ngani, maPentecostal, nimpongoloza ngokuthi, "Dkt. Fata oNgcwele *S'bani-bani* ngena"? O!

167 Niyazi iBhayibheli lathi, "Ungabizi muntu, 'baba.'" Yini inkinga ngani na? Lokho yimfundiso yeNkosi yethu. Yini indaba na? Anilazi iBhayibheli lenu na? Aniyazi iNkosi yenu na? UMoya oNgcwele ubungeke ukufundise ukwenza into enjalo.

168 Anikuqondi lokho ngenkathi lamaPresbyterian, amaLuthela nezinto kuzama ukungena, ukuthola Lokho, yisikhathi sokuphela? Abangeni. IBhayibheli lathi abazange. "Beseza ukuzothatha amaFutha, uMyeni uyafika; ngenkathi beyolanda amaFutha." Manje-ke kuthiwani ngoHlwitho manje na? Niyabo? IBhayibheli lasho, ukuthi, "Lapho intombi elele izothenga amaFutha." Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso

na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] "Ngenkathi intombi elele ifika ukuzothatha amaFutha, uMlobokazi wangena." AbaWatholanga.

169 Bayabuya, futhi baphonswa ebumnyameni obungaphandle. Uma uzwa lamahemuhemu ngamaMethodisti amaningi, iPresbyterian, amaBaptisti; indaba ngani na? Vuka. Sekuleyithi kunoma ucabanga. Bayabuya. Kodwa bangahle babe nomuzwa, kodwa babengekho Lapho. Khumbula, basebumnyameni obungaphandle.

Mhlawumbe uthi, "Kuzokwenzeka nini lokhu na?"

170 Wathi, "Kungahle sekuvele kube njalo, ngokunye kwalokhu kusa, futhi ubungeke wazi ukuthi kungani, kanjani." Ngethemba ukuthi ningafunda. Ngethemba ukuthi ningakwazi, ninoMoya kaKristu owenele ukwazi ukuthi ngikhuluma ngani, uMoya oNgcwele ukwambulele khona. Lezi ziqoshiwe, futhi zihamba emhlabeni jikelele. Niyabo? Kodwa niyaqonda.

171 Ezinsukwini ezimbalwa nje ezedlule, ngenkathi lezoziNgelosi eziyisikhombisa zehla kulowombono. Abaningi benu bekwazi. Wathi, "Hamba uye eTucson futhi ulinde lapho isikhashana, futhi uzozwa ukuqhuma kuqhuma. Lapho kuqhuma, buyela emuva." NeziMpawu eziyisiKhombisa zavulwa etabernakele, ngolunye usuku. Ngenkathi ngibona abantu beza, ekumeni lapho, ngelesithathu nqo ekuseni, bathola indawo, ukungena ehholo elikhulu, nokunye nokunye. Ukubona izinhliziyo ezilambile ziza zivela yonke indawo. Ngacabanga, "O Nkulunkulu, sibophezelekile ukuba sibe sekupheleni manje." Khumbula, "Ukukhala kwengelosi yesikhombisa, izimfihlakalo zikaNkulunkulu zase zifeziwe." "Futhi lapho kufika iNgelosi evela eZulwini, futhi yafunga nezandla zaYo ziphakanyiselwe eZulwini," ISambulo 10:1-7, "ukuthi sikhathi siyobe singasekho." Kunjalo impela, ihora.

172 Uza kuliphi ibandla na? Ibandla esiphila kulo, uNyaka weBandla laseLawodikeya, unyaka webandla wokugcina, lapho usivivi, kwanele nje ukudansadansa, uthi, "Yebo, ngiWutholile. Ngakhuluma ngezilimi. Ngamemeza. Haleluya. NginaWo." Futhi ubuyele emabandleni ethu, kubukeka njengesigejane soJezibele, kubukeka njengesigejane sokuthi angazi ukuthini, ukonakala. Khumbula, ingaphandle lakho liveza ingaphakathi lakho. Noma ngabe bungakanani ubufakazi bakho, impilo yakho ikhuluma kakhulu kunamazwi akho. O!

173 Silapha. Sesifikile. Kukhona okulungiselela ukwenzeka. Kuvela Phezulu, hhayi kunoma iyiphi yalezi zinto lapha. Kuvela Phezulu. UNkulunkulu uzothumela uKristu. Amen.

174 Ya, sinaso isihlakaniphi sethu. Sikuphi na? Manje nifuna isihlakaniphi, ibandla lezwe. Angisho nina bantu ngabanye lapha. Lokhu kuyaqoshwa. Kuthiwani ngakho na? Niyakufuna. Nizokuthola, ningene ngqo emkhandlwini wamabandla, yona

impela into eniphuma kuyo, ukuba yilokhu eniyikho. Bese kuthike inhlangano yenu iniholela emuva ngqo kukho futhi, khona impela nje eniphuma kukho, into uNkulunkulu ayiqalekisayo, lokho kungcola, ukungcola namanyala. Ngani, kulowomkhandlu wamabandla, abanye babo abakholelwa ngisho ekuzaleni kwentombi, ukuFika kukaKristu, noma lutho olunye. "Futhi ababili bangahamba kanjani ndawonye bengavumelananga na?" Nakho lapho okhona.

Awu, sekuyisikhathi, ngiyacabanga, sokuba mina ngiyeke.

175 Mfowethu noma dade, khumbula lokhu nje, sisesikhathini sokuphela. Imfundo ithathe indawo yensindiso. Ihlelo lebandla lithathe indawo yoMzimba noMlobokazi kaKristu. Lafaka konke lokho konakala, yilokho enikufunayo. Yilokho abantu abakufunayo. Yilokho okusebandleni laseMelika. Yilokho okukumaPentecostal. Bafuna umuntu othize angezi abatshele iQiniso. AbaLifuni. Uyabatshela; bathi, "Angidingekile ngilalele izinto ezinjengaLelo," baphakamise ikhala labo elincane futhi baphume esakhiweni. Ngeke baLilalele. Kungani na? Yilokho okusenhliziyweni yabo. Baveza khona kanye lokho abayikho. Yimuphi umprofethi owake wafika ezinsukwini zakudala na? UKristu wafika ngasiphi isikhathi na? Yisiphi isithunywa esake savela eZulwini ngaphandle kwaleso esaliwa yibandla na? Silapha. Izwe liyahlakazeka. Ibandla liyahlakazeka. Izinqubo ziyahlakazeka. Kungani na? Ngoba yinqubo engaphandle kukaNkulunkulu. Yilokho kuphela. Si—sisesikhathini sokuphela. Akukho okunye okungenziwa. Yebo, mnumzane. Konke, khumbula.

176 Ake sibuze lo mbuzo nje ngaphambi kokuthi siqhubeke. Ukuba-ke—ukuba-ke iRashiya ithole umesiya wayo na? Kuzokwenzekani kithi na? Niyabo? Masikhumbule, iJalimane yathola owabo, kungekudala. Sikukhumbula kahle lokho. Bathola umesiya wabo, uHitler wabo, isihlakaniphi sabo. Ukuba-ke iRashiya ithola esayo, bekuzokwenzekani na? Ukuba wayengekho uNkulunkulu womusa eZulwini, angazi ukuthi sasiyokwenzenjani, namathemba ethu abeyobe engasekho.

177 Likhona iBandla leqiniso. Kukhona iBandla elilindele ukuFika kweNkosi. UNkulunkulu uyohlale esipha khona, kodwa labo nje abamiselwa. Wena uthi, "Kuyosiza ngani ukuma, uma kuyiloluhlobo lwenqubo na?" Kukhona iMbewu emiselwe ngaphambili. Lapho lokho kuKhanya kushaya, bayokubamba *kanjalo*. [UMfowethu Branham ushaye umunwe wakhe kanye—Umhl.] Iyoqhakaza. Zizoqhakaza, khona manje. Impela.

178 Abanye bazovele badlule phezu kwakho nje. Bakholelwa enqubweni yabo. Futhi kungaleyondlela nje njalo, njengoba kwakunjalo ngezinsuku zikaNowa. Bakholwa into efanayo.

179 Labo ababemiselwe ngaphambili ekuPhileni okuPhakade, banaKho. "Akekho ongeza kiMi," kwasho uJesu, "ngaphandle kokuthi uBaba waMi amdonse. Futhi bonke uBaba aNgiphe bona bayokuza." Sifanele nje sihlakaze iMbewu, siphonse ukuKhanya. O, ngamunye wenu ubefanele abe yindlu yesibani.

180 Nina maPentecostal enizisho ukuthi nibakhulu kangako! Nina maPentecostal enizisho ukuthi nanga inkomishi ezizongolozelwe ngagolide lezibusiso zikaKristu! Nina besifazane eningaphumela lapha futhi nivumele futhi nenze, futhi nivumele abefundisi balonyaka banihumbise utalagu futhi banitshele ukuthi kulungile kini ukuvumela izinganyana zenu zigqoke lezozikhindi, nani besifazane, ogogo, nigunda izinwele zenu. Futhi anazi yini ukuthi iBhayibheli lasho ukuthi owesifazane. . . Owesifazane ogunda izinwele zakhe, iBhayibheli lathi umyeni wakhe unelungelo lokumlahla. "Akahloniphekile." Kwakuvame ukuba okungalungile. Upende? Munye kuphela owesifazane eBhayibhelini owake wapenda ubuso bakhe, futhi lowo kwakunguJezebeli. Futhi uNkulunkulu wamphakela izinja. Ngakho-ke uyabona ukuthi lokho kuyoba yini, inyama yenja evamile. Ngakho-ke unga—unga. . . Ziqhelelanise nalezo zinto. Lokho akuwafanele amaKristu. Ya.

181 Batshele ngakho. "Awu, ngongowe-Assemblies. Ngingokamunye. Ngingowa*lokhu*." Kulungile. Yilokho ongowakho. Kodwa uma ubungokaKristu, bekuyoba okuhlukile.

182 Ngenkathi iZwi likaNkulunkulu neNzalo kaNkulunkulu yayiphakathi lapho, yayiyoqhakaza isibonelo sobuKristu. Bekuyoqhakaza okuthile izwe ebelingakuhleka futhi lihlekise ngakho, njengoba kwenza iNkosi ngenkathi Ifika, njengoba kwenza bonke abaprofethi abeza. Bahleka futhi bahlekisa ngabo, futhi bababaphonsa emathuneni. Kodwa kuza uvuko. Lelizwe, abantu kuphakathi kokuthi bangaphilela lelizwe, izwe elizayo. Kuya ngokuthi imicabango yakho ikuphi, kulapho amagugu akho ekhona nawo. Makube seZulwini nokuFika kweNkosi. Yiba yisibonelo sobufazane. Yiba yisibonelo sobudoda. Yiba yisibonelo somKristu. Phila ukuPhila. Yenza okulungile.

183 Abantu namuhla, ngisho nabavangeli bethu, banemali kakhulu. Konke, bafanele babe nemali engaka ethenjisiwe kanye nezinto ezinkulu, nokwakha izikhungo ezinkulu nezinto ezinjalo, yona impela into iPentekoste eyaphuma kuyo. Nakho lapho esikhona, sibuyela phakathi ngqo futhi. Kuyini na? Konke kuyacwebezela futhi kuyabenyezela. Uyazi, yonke into ifanele ibenyezele. IHollywood iyabenyezela, kunjalo, kodwa iVangeli liyakhazimula. Kunomehluko omkhulu phakathi kokubenyezela nokukhazimula. Lapho i—ibandla libenyezela, okuyizimfashini zaseHollywood, izindlu zamasonto ezinkulu kunazo zonke, imicijo ephakeme kunayo wonke, izixuku

ezigqoke kahle kakhulu, kanjalonjalo, kubenyezela nalokho, amalungu amakhulu kunawo wonke. AmaBaptist ayenokuthi, ngo ’44, “Isigidi ngaphezulu ngo ’44,” ngaphansi kukaDkt. Billy Graham nabaningi balabo.

184 Ngenkathi ngihlezi esidlweni sasekuseni sikaBilly Graham, lapha esikhathini esingeside esedlule, edolobheni lakithi. Indoda, umvangeli, indoda enkulu kaNkulunkulu! Ngiyamkhulekela, njalo njalo. Ulele ngaleya, uyagula. Nginokumhlonipha kakhulu. Ungumfanekiso owehlela eSodoma ngaleya, futhi wakhipha labo abaseSodoma, wonke owayengakhishwa.

185 Kodwa, khumbulani, iBandla eliKhethiweyo lalingekho eSodoma. Kwakukhona iNgelosi eyahlala phezulu lapho, futhi, futhi Yabakhombisa isibonakaliso, iBandla eliKhethiweyo.

186 Kodwa lapho ekwenza, emi phezulu lapho, futhi ngimbona emi lapho, wathi, “Yini inkinga lapha na?” Wathi, “Ngi. . . ” Wathi, “Nasi isibonelo.” Wathi, “UPawulu oNgcwele wangena emzini, futhi wayenophendukile oyedwa. Wabuyela emuva, ngemva konyaka, lokho akwenza, kuyenzeka na? Waba namashumi amathathu ngalowo.” Wathi, “Ngiya edolobheni, ngibe nabaphendukile abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu emavikini ayisithupha. Ngibuya ngemva konyaka futhi angiwatholi amashumi amathathu. Yini inkinga na?” Wathi, “Yini bashumayeli abavilaphayo.” Wathi, “Nithatha amakhadi enu esinqumo, bese nihlala nezinyawo zenu ziphezu kwedeski ndawana thize, bese nibashayela ucingo.” Futhi waqhubeka. Ngayithanda indoda ngesibindi sayo.

187 Ngiyakuzonda ukubona usisi, unodoli othile wehlelo. Ngi—ngiyayithanda indoda, indoda ethunywe nguNkulunkulu emi ezinkolelweni zayo, kungakhathaleki. Uma ifakazelwe ngokungesikho, ikuvume, futhi ibuye futhi iqale kabusha futhi. Kunjalo.

188 Futhi wema lapho futhi wakhuluma kanjalo. Futhi ngacabanga. Ngangihlezi noDkt. Mordecai Ham, lapho, ungumngane wami siqu, umfowethu oyiBaptisti. Futhi ngimazile, o, iminyaka neminyaka neminyaka, futhi sizihlanganise ndawonye. Futhi yena nami sasihlezi etafuleni, ndawonye. Ngifike ekhaya lakhe. Sehla ndawonye. Sahlala lapho.

189 Ngacabanga, “O, he!” Kanjani? Hhayi ukuphazamisa noma ukusho lutho ngomvangeli omkhulu. Kodwa ngacabanga, “Billy, yimuphi omunye wabefundisi base-Antiyokiya, ngenkathi uPawulu engena e-Antiyokiya futhi wathola ophendukile oyedwa wakhe, yimuphi umfundisi lapho owathatha lowo ophendukile, futhi wamfaka emahhovisi akhe, ngasese, futhi wamupha ukudla futhi wakhuluma naye na?” Kwakungekho muntu. Ngani na? UPawulu wamyisa kude kakhulu ngale

kwezinto zezwe, o, uNkulunkulu waze wagxiliswa futhi wazinziswa enhliziyweni yakhe. Lowomphostoli akazange awudedele lowomphefumulo owodwa ukuba uhambe, waze wagxiliswa ngempela futhi wazinziswa kuKristu.

190 Futhi, namuhla, senzani na? Sikhuphula lamantombazane amadadlana, nabesilisa nabesifazane, babe ngabasemabandleni, futhi benza isinqumo, ngehora lesinqumo, nezinto ezinjalo. Babangenise, bese ubathumela ngaphandle ngqo, ukuba bathande lokho. Futhi ini na? Abakafiki ndawo, empeleni. Babengenalutho ngaphandle kokusetshenzwa amadlingozi okuncane, ngeZwi. Empeleni kuzokwenza lokho. Niyabo? Kuzokwenza lokho. Kuzokwenza idlingozi. Yilokho okwenzeka kwiPhentekoste. Kwangena ngaphansi kwamadlingozi. Kwenzekeni kukho konke!

191 Ubuvangeli, inetha eliphumayo. UJesu wathi, "Phonsa olwandle." Futhi lapho eveza, yayinezimfudu zasolwandle, izimfudu, izinyoka, amaxoxo, nakho konke okunye kuyo. Kodwa khumbulani, babeyilokho kwasekuqaleni. Kwakukhona izinhlanzi phakathi lapho, futhi. Ibhizinisi lethu nje ukudoba ngenetha. Umsebenzi kaNkulunkulu ukusho ukuthi ubani inhlanzi nokuthi ubani ongeyona. Niyabo? Kungani bengakwenzi na? Uma bayiswa kude nje bangena eMbusweni kaNkulunkulu, lezo zinkulungwane ezingamashumi amathathu, njengoba nokaPawulu wayenjalo, ngenkathi ebuya ubeyoba nezinkulungwane ezingamakhulu amane namashumi amathathu. Niyabo? Ngoba inhliziyo yabo iyovutha kakhulu.

192 Njengoba uMfowethu uCrow omncane eshilo izolo ebusuku. Ngisazisile isibindi sakhe—sakhe—sakhe. Ngakwazisa ukuma kwakhe, ukuma ngaphansi kokukholelwa kwakhe. Lapho ukuKhanya kukhanya, nango emile. Awusoze wamdluthula angene kunoma iyiphi yalezi zinqubo, uma ehlala ngendlela ayiyo, bese-ke eqhubeka kanjalo. Yeka indlela engiyazisa ngayo indoda yalolo hlobo! Yebo, mnumzane.

193 Ake noma ubani asho uma ngibukeka njengenkomba ekhomba lapho umoya uya ngakhona. Ngincamela ukubukeka njengenkomba ekhomba lapho umoya uya ngakhona, ngoNkulunkulu, kuneMardi Gras upopayi omkhulu opendiwe kadeveli. Ufanele ubheke, okuthile, noma kanjani. Kunjalo impela. Nakho la ukhona. Kodwa, niyabo, yinqubo yezinto esiphila kuyo nesisebenza ngazo namuhla. Nakho la ukhona. Yonke into seyonakele, yaze yayofika emnyombeni.

194 Manje sinoRicky wethu phezulu lapho. Manje nizokwenzenjani ngaye na? Niyabo? Bandiza nje bangene njenge—njengezinyoni ezimnyama. Impela. Ikhabhinethi yonke, yonke into, yonke into, uhlelo lwezigidi zamadola. Yilokho okufunayo. Yilokho ibandla elikufunayo. Yingalesosizathu ningena. Kulula kakhulu manje ukungena emabandleni. O,

he! AmaPentecostal, konke ofanele ukwenze wukunyakaza kancane, ugxume kancane, noma uthi unolunye uhlobo lobufakazi. Noma ubani angafakaza.

195 Benifanele nihambe nami eNdiya, ngesinye isikhathi, futhi nilalele amaHindu efakaza. Bazokwenza ube namahloni, wena uqobo. Kulungile. Benifanele nibuyele e-Afrika, amaLawu, futhi niwayeke abulale isilwane futhi azibhece ngegazi yonke indawo. Nilele ubufakazi babo, namadlingozi, nokukhuluma ngezilimi, impela; bakhonze isithombe, bafafaze ngegazi.

196 O Nkulunkulu, ngifisa kanjani ukuthi bengingenza wonke umuntu lapha akubone lokho! Impela. Udeveli ulingisa yonke into—yonke into uNkulunkulu ayikhiphayo. Uyayilingisa. Ngisho naseQinisweni likaNkulunkulu, uyaLilingisa. Lokho kuyiqiniso impela. Qaphelani. Nakhu la bekhona. Kodwa lifunani ibandla na?

197 Isizwe sifuna okuthile esingakuthola, hhayi umongameli phezulu lapho, ongahlala phansi lapho kwikhabhinethi, oyomisa lombhedo, futhi enze lamadolobha ome kakhulu nge...kusuka kogweva, bafanele azilungise isigamu sehora ukuze athole umswakama owanele ukuphimisa. Kodwa—kodwa a—abafuni into enjalo. Bafuna umfo othile phakathi lapho ozobanika wonke ubhiya abawufunayo, futhi bakwenze kube semthethweni, bese bembopha uma edakwe kakhulu; no—nokudlwengulwa, nezibhedlela zezinhlanya, nakho konke okunye kunjalo, nezinkulungwane zezinhlekelele emgwaqeni, abashayeli abadakiwe. Futhi baphumela lapha emgwaqeni, futhi nivumela umshayeli odakiwe aphume futhi agayise omunye futhi ambulale, uyaxolelwa. Futhi, kimina, kuwukubulala okuhleliwe.

198 Nivumele umfo othile, abhiyoze, futhi aphume futhi aqhumise ivolovolo, kabili noma kathathu, emoyeni, futhi bazomthumela emuva kakhulu ejele uyodleka aguge ngaphambi kokuba nimkhiphe. Kuyini na? Nakho la nikhona. Nazi izinqubo zenu zezwe. Abukho ubulungisa kuyo.

199 Le ndoda, ikhuluma ngohulumeni wase-United States. Impela, wonke uhulumeni wezwe ulawulwa udeveli, yonke inqubo. Yonke...UJesu washo njalo. USathane wavuma, "Konke lokhu okwami. Ngenza ngakho noma yini engiyifunayo." Sikuphi, khona-ke, namuhla na? Bhekani lapho simi khona.

Manje ngifanele ngithini, ekuvaleni lokhu, mngane na?

200 Niyalibona izwe lezombusazwe liyahlakazeka. Sibuyela ngqo eRoma, lapha e-United States, ngokushesha nje njengoba singahamba. IBhayibheli lathi siyokwenza, iSambulo 13. Futhi silapho-ke. Kwenzeni na? Babefanele babe nesigejane esikhulu sezinhlangano, yanini eSambulweni 17, "Umama omdala oyisifebe nawo wonke amadodakazi akhe." Nango ebuyela emuva ngqo, lonke ihlelo kanye naye. Nakhu la

bekhona. Bakhulisa ufaro, ongamazi uJosefa, futhi nakhu la siya khona, yonke into. Futhi ngisho nabaholi bethu bePentecostal, beholela wonke umuntu ngqo kulobobukhazikhazi obukhulu baseHollywood, futhi bengenisa abantu, ngokugwinya okukhulu. Kwe . . . O, yi . . .

Nkulunkulu, siza lesisizwe. Nkulunkulu, siza lababantu.

201 Ngezinye izikhathi kungenza umuntu azizwe efisa ukungena emgwaqweni futhi aklabalase. Kodwa ngiyazi ukuthi iBhayibheli liyasho, ukuthi, "Akekho ongeza uma uBaba waMi engamdonsi." Ngiyazi ukuthi lezi zinto zifanele ukuba zenzeke kulezi zinsuku. Ngibona ukuKhanya, ukuKhanya kukaNkulunkulu, kusakazeka. Ngibona amanga laphaya; nakho konke ukukhazimula ne . . . noma, ubukhazikhazi nokukhazimula, ndawonye. Futhi ngifanele ngenzeni na?

202 Nkosi Jesu, ngisize ngibe neqiniso uze Ufike. Mangime, O Nkulunkulu. Ake ngithathe ukuma kwami futhi ngihlale lapha, Nkosi, nginyakaze njengoba Unginyakazisa.

203 Ngingathini kulabo bantu abakholelwa ngempela kuNkulunkulu na? Ngipende isithombe esibi. Nginamakhasi okungenani angamashumi amabili lapha, kodwa sekuleyithi kakhulu, okwengqikithi encane nje engiyibhale phansi endikimbeni. Yini engifanele ngiyisho kulokhu ukusa na? Ngifanele nginishiyele ini na? Noma, nikuphi na?

204 Ngizilahlile izinhlangano zenu, hhayi ukulahla nina. Ngilahla inqubo enifake endaweni enikuyo. Anginilahli, bazalwane bami abangabefundisi. Nithola umbono ongalungile ngami. Ngizama ukunisiza. Ukuba-ke ngikubone esikebheni sehla ngomfula ngaleya, ngasezimpophomeni, futhi ngangazi ukuthi isikebhe asikwazi ukutshuza kulezo zimpophoma na? Futhi ngiyakuklabalasela, "Phuma lapho!" Akusikho ngenxa yokuthi angikuthandi. Yingenxa yokuthi ngiyakuthanda. Leyonqubo okuyo izoya esihogweni lapho iphuma khona.

205 Ngangikhuluma nekhehla ngolunye usuku. Umfana omncane ungena esitolo, lapho eTucson lapho engangikhona. Wangena ukuba athenge amaSpecial K athile—athile okokudla kwasekuseni. Kwakukhona umfana omncane emi lapho, ethenga osikilidi. Lathi, "Bangabakabani laba, umawakho na?"

Wathi, "Qhabo. Owalowa mfana ohlezi laphaya."

Lathi, "Ingabe usekhulile ngokwanele na?"

Lathi, "Yebo."

206 Ngathi endodeni yegrosa, ngathi, "Akakhuli ngokwanele." Niyabo? Kodwa wena . . .

207 A—abantu baqala ukucabanga ukuthi kulungile. Ukubhema kungokuthandwa ngabantu. Namabandla ayazijwayeza nje ukuphuza utshwala kube isiko, ukuphuza kwesimanje nje. O, ngenxa yokulunga! Wenzani . . . Nizithathaphi lezo zinto na?

Kuphumile enqubweni, hhayi eZwini likaNkulunkulu. "Lowo ngisho onika umakhelwane wakhe uphuzo olunamandla." Niyabo? Impela, kunjalo. Yi—yincithakalo, izibi zesizwe sakithi, ubukhazikhazi baseHollywood. Futhi yilapho esifinyelele khona, enkucunkucwini enjengaleyo. Nakhu la sikhona kulolo hlobo lwesimo.

208 Lelikhehla lathi kimi, lathi, "Awu," lathi, "ngiyamzwela." Lathi, "Kuthi ukuba nzima, ukusuka—ukusuka . . . ngakho, ukuba siyeke. Ingabe kunzima na? Bekungeke yini kube nzima kuwe ukuyeka na?"

Ngathi, "Angikaze ngiqale."

209 Lathi, "O, awubhemi." Lathi, "Ngiyakwazisa, mfo." Lalicishe libe neminyaka engamashumi ayisikhombisa ubudala.

Ngathi, "Ngiyabonga."

Lathi, "Njengogologo, indlela efanayo."

Futhi ngathi, "Angiphuzi."

210 Lathi, "Awu, ngiyakwazisa lokho." Lathi, "Ngicabanga ukuthi i . . . Uma indoda ifuna ukuza ekhaya, phuza ingilazi kabhiya," lathi, "ilungile. Kodwa uma bethatha laba besifazane, futhi baphandle lapho ezitaladini, futhi beqhubeka, bedakiwe, futhi begijima bezungeza . . . Umyeni wakhe uya emsebenzini, khona-ke bathatha imoto, futhi baphume futhi sebehambile."

211 Ngathi, "Bebengafanele neze bavumele owesifazane ngemuva kwesondo." Mfana, ukube ngangilapho, ubengeke akwenze, uma benginanoma yini engingayisho ngakho.

212 Bathi abesifazane bangabashayeli abaphephile kunabo bonke. Ngingumhambi wamazwe ngamazwe. Mina nendodana yami, sinqamula lesi sizwe, safaka incwadi phezulu e—emotweni. Futhi ngaso sonke isikhathi lapho kubizwe iphutha, sasima emgwaqeni, sasikumaka phansi, "indoda" noma "owesifazane." Futhi emakhulwini amathathu, kwakukhona amakhulu amabili namashumi ayishiyagalombili-nanye awo ayebangelwa abesifazane; ayishumi nesishiyagalolunye kuwo ngamadoda. Kunjalo impela. Nokho, uhlezi lapho futhi uphusha izinwele zakhe phezulu. Futhi uphuma *kanje*, futhi enze isikudla sesinxele, nakho konke. Kodwa, o, kusobala, amaphoyisa ngeke akusho lokho. Banabo embuthweni wamaphoyisa. Ihlazo elinjena pho!

213 Lapho owesifazane ephuma ngemva kwetafula ekhishini, endlini, enakekela inkonzo yakhe uqobo encane uNkulunkulu amnika yona, izingane zakhe, uphumile entandweni kaNkulunkulu.

214 Mbeke epulpiti, uphumile entandweni kaNkulunkulu. Awukho umBhalo womshumayeli wesifazane. Ngifuna indoda ethile ime futhi ingitshele lokho, ingibuke ebusweni. Ayikho into enjalo. Ukuthi, iPhentekoste iyisisekelo saleyonto. Akukaze

kube njalo! U-Adamu wabunjwa kuqala, kwase kuba u-Eva. U-Adamu akazange akhohliswe. Kodwa, nokho, niyakwenza. Futhi niyabona lapho senikhona na? Phandle lapha le egatsheni, ukuthi, awukwazi ukuqhubeka ubuye manje. Kodwa nakho la uya khona. Yilokho kuphela. Lelo izwe. Yilokho okufunayo. Yilokho okufunayo. Yilokho onakho. Niyabo?

215 Kodwa kulabo ababheke uMbuso OMakhi noMenzi kaNkulunkulu, semukela uMbuso.

216 Asibhekile ihlelo. Asibheki-. . .Nokho, labo abathanda uNkulunkulu, asibhekile isihlakaniphi esithile sehlelo. Asibheke usozibalo omkhulu ongasukuma lapha futhi asitshele ukuthi zenziwa kanjani izinombolo eziningi, nokunye nokunye, futhi niphumele emigwaqweni futhi nizisebenze nize nife ukuze ningenise amalungu. Yini eninayo na? Niletha izingulube eziningi esibayeni. Yilokho kuphela. Futhi yini eyitholayo lapho ifika lapho na? Ukuchitheka. Impela.

UNkulunkulu ubazalela eMbusweni, Phezulu. Kunjalo impela.

217 Omunye umfana enika uBilly Graham, ngiqagele nikufundile kwi*Post*, ukuhhala, ngalokho ayekwenzile. UBob Jones wathi uBilly Graham. . .UBob Jones unokuningi ukuklabalasa ngakho, akanjalo na? Kulungile. UBilly Graham wenze okwengeziwe eMbusweni kaNkulunkulu kule minyaka embalwa ebe senkundleni, kunalokho uBob Jones ayengakwenza uma ahlala lapha iminyaka eyisigidi kade. Kunjalo. Kodwa uthini na? “UBilly Graham uvele aphume futhi athi, awu, akanalo ihlelo, abayise kubo.” UNkulunkulu abusise indoda ngalokho. Yebo, mnumzane. Nenzani na? Niyamngenisa, nimenze umntwana ophindwe kabili wesihogo, wayenjalo, ngenkathi nimcosha estaladini.

218 Abafundi abakaze babayise kunoma yiliphi ihlelo. Babagcwalisa ngoMoya oNgcwele naseMbusweni kaNkulunkulu. Futhi lapho uMoya oNgcwele wengamela. Yebo, mnumzane.

219 Manje, kodwa bathi wenza isikweletu ebandleni, ngokungathathi inhlang-. . .bonke mabaye enhlanganweni. Ngicabanga ukuthi bonke bebefanele ukuba ngabe ngabeKolishi likaBob Jones. Niyabo? Khona-ke base bephumile ngempela emgqeni wabo. Manje, nabo bonke laba lapha ababizwa, ababizwa ngabaqavile bomsuka, nayo yonke lento lapho. Umbhedo.

220 Sibhekeni, bangane na? Siyini thina na? IBandla langempela alibhekile ihlelo, alibhekile umongameli, alibhekile isihlakaniphi esizophakama. Kodwa babheke uMbuso neNkosi ezayo. Uyini uMbuso na? Usemhlabeni manje. NguMoya, uMzimba kaKristu ofiphele. Phakathi Lapho, baphuma kwiPresbyterian, iMethodisti, iPentecostal, nakho konke.

BakuloMbuso. Bazalelwa phakathi Lapho. Bangena Lapho ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi bakuloMbuso. Futhi sibheke iNkosi ukuba ize kuloMbuso, ezomisa uMbuso waYo phezulu lapha emhlabeni, kwesaYo—kwesaYo isihlalo sobukhosi, isihlalo sobukhosi sikaDavide. Iyakuphatha, futhi ibuse kuze kube phakade. Yilokho iBandla elikubhekile.

221 Futhi into enhle ngakho, bangane, ngukuthi, cabangani ngalokhu. Ngaphambi kokuba sifike kuloMbuso . . . Ngaphambi kokuba leNkosi ifike, manje singahlala ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, siphakanyisiwe ngaphezu kwawo wonke amathunzi akho konke ukonakala kwezwe, nazo zonke izinhlelo zabo zethelevishini, nayo yonke lena eminye imibhedo abanayo emhlabeni namhlanje, nakho konke ukungcola kwabo okubolile nezinqubo, nakho konke. Siphakanyiselwe ezindaweni zaseZulwini! NoMoya oNgcwele, Yena uqobo, wehlela phezu kwethu, futhi ukhulume futhi usibizele izono zethu, futhi usitshele ukuthi singaqondiswa kanjani, nokuthi senzeni empilweni, nokuthi senzani. NguMoya oNgcwele, uJesu Kristu onguye izolo, namuhla naphakade. Leyo yiNkosi eyakuza eMbusweni waYo ngolunye usuku. Futhi uMbuso waKhe manje uyamiswa ezinhliziyweni zabantu baKhe lapha emhlabeni.

222 UNkulunkulu anibusise. Uma ngingalokothi . . . Ningase ningangithandi ngemva kwalokhu. Niyabo? Ningahle ningangithandi, kodwa ngolunye usuku niyoqonda ukuthi Lelo yiQiniso. Manje, uNkulunkulu anibusise. Angeke ngisanigcina kade, kodwa ngifuna nikukhumbule lokhu.

223 Sibheke uMbuso, futhi manje semukela uMbuso ongenakunyakaziswa. Semukela okuthize ezinhliziyweni zethu, ukuthi akukho-develi esihogweni ongakwazi ukukunyakazisa akukhiphe. Akukho lutho.

224 Leli khehla laphaya, ngolunye usuku, lathi, "Awu," lathi, "Ngiyakutshela." Lathi, "Nakhu okuyikho, mnumzane." Ngalitshela ukuthi ngangingumfundisi, isizathu sokuthi ngingabhemi futhi ngiphuze, nokunye nokunye. Lathi "Awu, ngi—ngiyakwazisa lokho." Lathi, "Kulungile." Lathi, "Ngenkathi ngisengaphansi kombutho wamaphoyisa, yonke into," lathi, "kwakuwubuhlongandlebe bezingane. Yilokho kuphela esinakho namuhla."

225 Ngathi, "Mnumzane, angifuni ukuphikisana nawe. Kodwa," ngathi, "akubona ubuhlongandlebe bezingane. Ubuhlongandlebe babazali. Abazali bangamahlongandlebe, kunjalo, bevumela izingane zabo zenze kanjalo." Badinga a . . .

226 Ukuthi, wena, wenzeni na? Ubeka umagazini i-*True Story* etafuleni lakho, esikhundleni seBhayibheli. Esikhundleni semihlangano yomkhuleko, kwadingeka uphume ubalekele kwenye indawo futhi wenze enye into. Yileyo inkinga ngezwe namuhla. Yilokho okuyinkinga ngababizwa ngamaKristu

bethu; ukudansa, amaphathi, nokuphuza kokuzijabulisa, futhi, o, yonke into. Niyabo? Ubuhlongandlebe babazali, hhayi ubuhlongandlebe babantwana. Umzali uyihlongandlebe. Yilokho-ke. Qaphelani.

227 Ngathi, "Kwenzekeni, mnumzane na?" Ngathi, "Wena umi lapha. Singamadoda amabili angakaze ahlangane ngaphambilini, empilweni. Wena u . . . " Lathi lalineminyaka engamashumi ayisikhombisa nanye, lenza nje lokho eceleni. Ngathi, "Ngingumfundisi." Futhi ngathi, "Umele imithetho yomphakathi yezwe. Ngimele imithetho yokuziphatha yezwe." Futhi ngathi, "Manje, uma umuntu othile ephule imithetho yakho yomphakathi, kwenzekani na? Ubafaka ejele, awukwenzanga na? Wabathumela ejele ngqo uma bephule imithetho yomphakathi."

Lathi, "Kunjalo."

228 Ngathi, "Uma bephula le mithetho baya esihogweni." Ngathi, "Ijaji elinobulungiswa eli . . . UNkulunkulu, phezu kweZwi laKhe . . . Lawo macala asekelwe phezu kwemithetho yesizwe. Futhi lapho betholwa beqile, khona-ke akukho lutho ngaphandle kwenhlawulo ukuba ukhokhe. Futhi noma yimuphi umthetho ongenayo inhlawulo kuwo akuwona umthetho. Kunjalo." Ngathi, "Ukweqa umthetho kaNkulunkulu, iZwi laKhe, ukwehlukana kwaPhakade eBukhoneni baKhe." Ngathi, "Manje uyabona lapho esikhona."

Lathi, "INkosi ikubusise. Ushumayela kuphi na?"

Futhi ngathi, "Noma yikuphi lapho ngingathola khona umnyango ovuliwe."

229 Nakho la ukhona. Niyabo? Ikhehla nje lalowonyaka, niyabo, futhi nje likubona ngalesosikhathi. Yeqa imithetho kaNkulunkulu, okuyiZwi laKhe, futhi uboshwe esihogweni. Yilokho kuphela okukhona kukho. Khonza uNkulunkulu manje.

230 Singena kuloMbuso ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Futhi lapho singena Lapho, hhayi ukuzenzisa. Okunye, angikwenzi . . .

231 Manje, wena, unga—ungakufaki lokhu engqondweni yakho, "Manje, uMfowethu Branham akakholwa ukuthi ukhuluma ngezilimi."

232 Ngiyakholwa ukuthi ukhuluma ngolimi. Kodwa bukani nje labo abakhuluma ngezilimi, futhi abangenaWo. Bheka e . . . Bheka indlela abaziphatha ngayo nendlela abenza ngayo. Ungasho ukuthi abanaWo. Niyabo?

233 Buka amabandla namuhla, athi, "SiyiBandla." Bonke, "SiyiBandla."

234 Linye kuphela iBandla, futhi lowo nguMzimba kaKristu ofiphele. Uma uba ngaphakathi Lapho, ubhaphathizwa

phakathi Lapho ngoMoya oNgcwele, futhi Ushintsha ubuwena bakho bonke.

235 Kungekudala. Ngizokusho lokhu, mayelana nokuthile okufika engqondweni yami. Mina nomkami, ehlobo eledlule, ngifika ekhaya, ngiphuma komunye wemihlangano. Sahamba ukuyothola igrosa. Sathola o—owesifazane ogqoke isiketi. Kwakuyinto engavamile ezweni lakithi. Bahambaze bonke. Ngakho-ke, manje-ke, sibone lowo abesifazane. Yena . . . Futhi sabaqonda abanye balabo besifazane uku—ukuba ngowakhona nokucula emakhwayeni emabandleni lapho. Futhi wathi, umkami wathi, "Billy, yini eyenza labo besifazane . . . " Wathi, "Kungani—kungani benza lokho na?" Wathi, "Abantu bakithi . . . " Wathi, "Kazi kungani na?"

236 Ngathi, "Si—si—asinjalo. Asibona abalowo mbuso." Futhi wathi . . . "Awu," ngathi, "abalona uhlobo lwethu lwabantu."

237 Futhi wathi, "Usho ukuthini na?" Wathi, "Asiwona amaMelikana na?"

238 Ngathi, "O, qhabo. Qhabo, mnumzane." Ngathi, "Ngiya eJalimane, ngithola umoya waseJalimane, umoya wesizwe. Ngiya eSweden, ngithola umoya waseSweden. Ngiya eNdiya, ngithola umoya wesizwe. Uza eMelika, uthola uRicky, lolohlobo lomoya, o, owazi-konke."

239 Babheke lapho befika kwelinye izwe. Kuyakugulisa ngisho ukucabanga ukuthi ungumMelikana, indlela abaziphatha ngayo. Kunjalo. Ngabantu abaziphatha kabi kunabo bonke, abangenangqondo kunabo bonke, abazimele, iziphukuphuku ezifundile. Kunjalo. Futhi elinye izwe liyakwazi. Akumangalisi, sizama ukuthenga ubungane bethu ngamadola ethu. Awubuthengi ubungane. Manje, kukhona indlela . . . Isizwe sakithi sibole kwaze kwafika ezimpandeni. Kunjalo. Akukho themba ngaso. Konke sekuhambile. Yinye kuphela into efanele ibhekwe, ukuFika kweNkosi. Ya.

Wathi "Awu, asisiwo amaMelikana na?"

240 Ngathi, "Qhabo. Sihlala lapha. Sihlala lapha. Akukho . . . " Ngathi, "Awu," ngathi, "uyabo, labobantu bangamaMelikana. Banomoya waseMelika. Benza njengeHollywood, ebusa iMelika: ukugqoka kwayo, ukwenza kwayo imfashini, unkulunkulukazi wayo, kanjalonjalo. Yilokho ncamashi abakwenzayo. Manje," ngathi, "bangamaMelikana. Sivela Phezulu. Abesifazane ebandleni lethu, abakwenzi lokho. Baphila ngobungcwele, bahlanzekile."

241 Uthatha owesifazane ogqoka lolohlobo lwezingubo, futhi aphumele estaladini. Angikhathali ukuthi uzama kanjani ukuphila ngokuziphatha okuhle, ekupheleni konyaka, uzobizwa ngesiphingi. Uma noma iyiphiindoda ikubuka, ukuba ikukhanukele, futhi ulethe ukuzibika kuyo, unecala lokuphinga. UJesu washo njalo. Ungase uhlanzeke kakhulu kumyeni

wakho noma esokeni lakho, njengoba ubungaba njalo. Kodwa uma ugqoka kanjalo futhi isoni esithile sikubuke, uzofanele aziphendulele, ngoSuku lokwaHlulela, futhi uzethule wena.

242 Hlanzekani, besifazane. Buyelani kuNkulunkulu. Lokho ngukuthi . . . Angikhathali ukuthi bathini ngawe. Buyela kuNkulunkulu.

243 Abesifazane babevame ukubekwa esisekelweni. Ungumgogodla wesizwe. Futhi manje ukuphi na? Wakuletha phezu kwakhe. Uthathwa . . . Abazikhumuli ngisho izigqoko zabo, ukukhuluma nabo, noma lutho olunye. Yileso simo nje. Benzani na? Kwakuletha kubo.

244 Kungani kwaqala na? Omunye uRicky emva kwepulpiti, onolwazi oluthile lwekolishi lezenkolo, unodoli enhlanganweni ethize, esikhundleni sendoda kaNkulunkulu ukuba ithathe leloZwi futhi ikudabule kube yizicucu ngaLo. Kulungile. Yilokho esikutholile ebandleni.

245 Nkulunkulu, yiba nomusa. Masiye kuloMbuso. Masihambe siye lapho singathola khona futhi siphile ngemva kwalowo Mbuso, bese kuthi-ke imicabango yakho—yakho ingcwele. Izinto zakho, imicabango yethu, iPhezulu, lapho kuhlala khona ifa lakho.

Asikhothamise amakhanda ethu.

246 Ngokuzithoba, nginibuza lo mbuzo. Abanye benu bangase bangabuyi ngisho kulobu busuku. Lokhu kungase kube isikhathi sami sokugcina ukunibona emhlabeni. UJesu angafika ngaphambi kobusuku. Kungase kube nembubhiso ngaphambi kobusuku. Kungenzeka, niyazi, nganoma yisiphi isikhathi, ngalokho kuFika kweBandla okuyimfihlo.

247 Wena uthi, "Mfowethu Branham, esikhashaneni esedlule, ngenkathi uthi, 'IBandla lingahamba futhi besingeke sazi'?" O, yebo. IBhayibheli liyakusho. Qhabo, ngeke bazi lutho ngakho. NgukuFika okuyimfihlo. Ufika ngokuyimfihlo futhi ebe iBandla laKhe. ULithatha, njengencwadi engake ngayifunda, kaRomeo noJuliet. Niyabo? Uyeza ukuzoMthatha, akekho owazi lutho ngakho.

248 Izwe lizothi, awu, kubili noma kuthathu kulokhu, uthi, "Awu, kukhona ovele walahleka izolo ebusuku." Futhi le ngapesheya kwezwe, ababili noma abathathu ngaphezulu. Yilokho Athi kuyokwenzeka. "O, baphuma ndawana thize. Bona . . . Enye intombazane yenza iphutha. Yaphuma yabaleka. Enye indoda, yaphuma yabaleka, inkosikazi yomunye umuntu." BaHlwithiwe. Futhi abazi lutho ngakho. Amakhulu abo ayahamba nsuku zonke, futhi abazi lutho ngakho. Niyabo?

249 Ngaphambi kokuba leso sikhathi senzeke, ngeke ulungisane noNkulunkulu na? Ngifanele ngihlangane nawe ekwaHlulweni. Ngiyakuthanda. Angibathethisi abantu bePentecostal ngoba . . .

Angikaze ngize phakathi kwenu ukuze ngibe yisikweletu kini. Ngiza ngoba uNkulunkulu ungithumile. Ngiza eGameni leNkosi uJesu. Ngake nganitshela noma yini engalungile na? Ngabe ukhona noma yimuphi wabaholi benu abake basukuma ukuzama ukungitshela ukuthi nganginephutha na? Ngabacela bakufakazise. Bazi kangcono kunalokho. Kulungile. Manje, nikwenzile . . . Abaningi benu bebesemihlanganweni. Futhi niyazi ukuthi bengingeke ngikusho lokhu, kulokhu ukusa, funa ngazi ukuthi lelidolobha belikudinga. Linikela ngokuphelele kukho konke ukungcola nokunamfuzela. Uyamdinga uKristu.

250 Ungathanda ukwamukela uMbuso kaNkulunkulu wangempela, lapho ubuwena bonke buguqulwa khona; uguquliwe futhi wenziwa isidalwa esisha; konke ukuqhakaza kokuPhila, kokuPhila okuPhakade, kukuwe; izinto zezwe zifile na? Angizukukucela ukuthi uze kunoma yiliphi i-altare. Ngizokucela ubuqotho bakho. Uma ufisa ngempela, futhi ufuna ngikhuleke, njengoba ngivala inkonzo, phakamisa isandla sakho, uthi, “Ngikhulekele, Mfowethu Branham.” UNkulunkulu akubusise. Kulungile, cishe amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye.

251 Baba wethu waseZulwini, njengoba ngibheke phansi ngaphambi nje kokuba ngivale amehlo ami, Nkosi, futhi ngibone lesi sishicilelo lapha, lesi sikhangiso ephepheni, “indaba kaTony Fontane,” abamhloshana, amaqhinga, ukudansa emsamo, umculo, abesifazane abagqoke ngokungazihloniphi, amadoda.

252 UJesu wathi, “Naphumela ukuyobonani ngenkathi niya kuJohane; indoda yezingubo ezithambile, iziphika eziphendulelwe, nokunye nokunye na? Qhabo.” Wathi, “Basezindlini zamakhosi. Ngabe niye ukuyobona u—umhlanga ontengantengiswa ngumoya; noma ubani ongafuna inhlangano enikeza okuthize okungcono kancane kunomunye, futhi aye kukho na? Hhayi uJohane. Wayengewona umhlanga entengantengiswa umoya. Akazange axegise kunoma iyiphi yezinto zenu.” Wathi, “Naya ukuyobonani, khona-ke, umprofethi na?” Wathi, “Ngithi kini, omkhulu kunomprofethi.”

253 Nkulunkulu wethu Baba, siyabona ukuthi awekho amathemba asalele inhlangano yebandla. Ihambile, Nkosi. Yayiphambene nentando yaKho, ekuqaleni. Alikho ithemba ngesizwe. Sihambile.

254 Sesibonile, lesisizwe, iphethini ephelele ka-Israyeli. Kanjani lapho u-Israyeli engena ezweni lakubo lendabuko, futhi—futhi waxosha abahlala khona, lapho singena futhi saxosha iNdiya laseMelika. Futhi ukuthi babenamadoda amakhulu kanjani ngalezozinsuku: uDavide, uSolomoni, uJoshuwa. Futhi kanjalo sangena futhi saxosha abomdabu, futhi samisa izwe lethu, umnotho wethu, phezu kwenkululeko yenkolo, ngenkathi siboshwe yizimfundiso-ze nezinto. Sasinamadoda amakhulu,

uWashington, uLincoln. Kodwa, ekugcineni, njengoba iminyaka ihamba, ekugcineni bakhetha ku-Ahabi owayenoJezebeli ozipendile owamisa izimfashini zezwe. Ngakho-ke senze yona kanye into efanayo. Futhi manje sibona into efanayo yenzeka. Ngalolosuku, nanino-Eliya ukuba ame futhi akulahle. O, babemzonda kanjani, kodwa we—wema. Iphimbo lakhe lizobe lisamile ngoSuku lokwaHlulela.

255 Futhi, Baba, sithumelele u-Eliya. Sithumelele iPhimbo leBhayibheli, iPhimbo likaNkulunkulu, futhi uLiqinisekise. Futhi ufakazise ukuthi Wena unguNkulunkulu, ukuthi Wenza okufanayo izolo, namuhla, naphakade, ukuze abantu bazi. Ngaphandle kokungabaza, bayabona ukuthi yiQiniso. Futhi kwangathi abantu . . .

256 Njengowesifazane omncane emthonjeni, wayexubene nazo zonke izinhlobo zezinto, kodwa ngenkathi lokho kuKhanya kubaneka endleleni yakhe yezinyawo encane ayehamba kuyo, wabona okuthize. Akabange esafana. Wafika eMthonjeni ayengakaze awuvakashele ngaphambili.

257 Siphe, Nkosi, namuhla, ukuthi abaningi namuhla bazobona ukuthi kukhona uMthombo ovuliwe, neZwi likaNkulunkulu lisasebenza kuwo wonke umuntu ozokholwa futhi aLemukele. Izandla eziningi ziphakamile, Nkosi Jesu. Baswele kakhulu. Ngikholwa ukuthi bebekuqondile. Angikwazi neze ukucabanga ukuthi—ukuthi abantu abazamayo, futhi bangene kulomnyakazo wePentecostal, ngenxa yokuthi baphumile kulezimfashini nezinto, futhi babona ukuthi kwakungekho lutho kubo. Futhi bangena lapha ngqo, ukuzithola besohlotsheni olufanayo lwengxubevange yase—yaseHollywood, uhlobo olufanayo lohlelo lwemfundo, osomaqhuzu, njengoba sikubiza kanjalo emhlabeni, Nkosi. O, kanjani . . . Nkulunkulu, basize. Uzokwenza, Baba na?

258 Futhi ngi—ngikholwa ukuthi abakwazanga ukuphakamisa isandla sabo, ngaphandle uma bekukhona Okuthile lapho ukubenza baphakamise izandla zabo. KunoMoya obazungezile. Nalamadoda nabesifazane, amaphesente ayishumi ayisishiyagalolunye abo, mhlasimbe, Nkosi, ukuthi bayaqonda ukuthi kukhona okungalungile, futhi a—abafuni kube ngaleyondlela. Futhi manje, ngokwesayense, bebengenakusiphakamisa lesosandla; amandla adonsela phansi abamba leso sandla phansi. Kodwa bangakwazi ukuphikisa isayensi, ngoba bayizidalwa ezingabantu futhi banomoya ongayala lesosandla ukuba sikhuphuke, futhi sizophakama.

259 Futhi, Nkulunkulu, Wapha abantu kakhulu . . . ngenkululeko yokuzikhethela, ukuze azenzele ezakhe izinqumo. Futhi manje kukhona uMoya omi eduze kwabo obatshelayo ukuthi wona kanye umoya abebewukhonza ubungalungile, futhi bafuna isinqumo. NoMoya obazungezile, uMoya oNgcwele,

ubenza baphakamise izandla zabo futhi bathi, "Ngiphe Nkulunkulu." Nkosi, Uyazazi izinhliziyo zabo. Ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzongena ugijima, njengedamu elibhobokile ndawondawo, kanye nokulindela okugciniwe kukaMoya oNgcwele okusheshayo kuzokokhela imiphefumulo yabo ngoMlilo wangempela, wothando lukaNkulunkulu luvutha lapho, ngenxa yesintu esifayo; hhayi ngenxa yenhlangano, kodwa ngenxa yesintu esifayo; hhayi ngezombusazwe, njengoba bebona izwe lenhlangano lihlakazeka. Babona izwe lezombusazwe lihlakazeka. Futhi i. . . I-U.N. yabo, ibhaluni elikhulu lenjoloba elikhulu eliphushwa yiwo wonke umoya we—wemfundiso yezombusazwe, lashovela ngapha nangapha. Futhi, O Nkulunkulu, bayakubona uku. . . lomkhandlu wamabandla, njengoba bewubiza kanjalo. Bayabona ukuthi kubayisa ogibeni ngqo, Nkosi, njengesicabucabu seluka ulwembu.

260 Nkulunkulu, sengathi iPentekoste ingavuka, masinyane, Nkosi, kuseyisikhathi sokuthi bangavuka. Vusa lelidolobha elincane lapha, Nkosi. Vusa laba besifazane abahlezi lapha. Vusa lamadoda. Ungakuvumeli kudlule, Nkosi.

261 Njengebandla leKatolika, lavuka emva kukaPatrick oNgcwele. Njengebandla lamaJuda, lavuka emva kuka-Eliya, lase licaka ithuna lakhe. Njengebandla eliKatolika, lavuka emva kukaJoan wase-Arc. Abakwazi ngenkathi kusaqhubeka. Kodwa ngemva kokuba sekuhambile, khona-ke bayaqonda. Njengebandla, lavuka ngemva kokuba uJesu esebethelwe esiphambanweni. Sekwephuze kakhulu, ngalesosikhathi. Sebevele bakwenzile.

262 O Nkulunkulu, vusa iPhentekoste. Ngiyabathanda, Nkosi. Bangabantu. . . Ba—bayasiza ukondla abantwana bami. Nkosi Nkulunkulu, bazise ukuthi uMlayezo kaNkulunkulu awudingi ukuphuma enhlanganweni noma emazingeni abo. Uvusa Okufunayo. Wena unguNkulunkulu. Nyakazisa imiphefumulo yabo kulokhu ukusa, Baba, futhi ubabuyisele ekuqondeni ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi manje sihlezi eBukhoneni baKhe, ezindaweni zaseZulwini, siphakanyiswa yiZwi. BangabaKho, Nkosi. Yenza ngabo njengoba Ubona kufanele. Ngibethula kuWe, njengezindebe zoMlayezo, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

263 Ngiyamthanda. NiyaMthanda na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uma udadewethu engasinika indlela, "Ng'yaMthanda. Ng'yaMthanda." Ingabe ningithukuthelele na? ["Qhabo."] Uma ungithukuthelele, woza lapha ungixhawule, futhi asikhuleke. Niyabo? Nginitshele iQiniso, iQiniso lokufa, leVangeli. Ngolunye usuku ungase ukuqonde lokho. Ungakuvumeli ukuthi kube keyithi kakhulu. Singama, umzuzwana nje na?

Ng'yaMthanda, . . .

Niyakwenza na? Phakamisani izandla zenu.

. . . Ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
EKalvari.

264 Manje, Methodisti finyelelani kwiBaptisti, okamunye afinyelele kokaziqu-zintathu, futhi ichurch of God ifinyelele kwi-Assemblies. Ngamunye wethu, ngenkathi sicula leli, sisho ngobuqotho, "Ngiyakuthanda, mfowethu, dadewethu. ngizokukhulekela. Ungumfowethu, dadewethu." Asikwenze futhi manje.

Ngi . . . ( . . . ? . . . )
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
E . . .

265 Manje, Assembly of God, wozani nibheke *Lokhu,* kamuva, bese-ke niphenduka. Khulekela inhlangano yakho, noma uphume esiseleni esinodaka esinjengaleso. I-Assembly of God inamadoda aqotho ngempela esaba uNkulunkulu phakathi lapho. Ngiyawazi. Okamunye unamadoda angempela esaba uNkulunkulu phakathi kwawo. Kunjalo. Ichurch of God inamadoda esaba uNkulunkulu ngempela. IBaptisti, iMethodisti, banamadoda amesabayo uNkulunkulu. Kodwa yizinqubo ezibagcina bekanjalo, opopayi enqubweni.

266 "Ngi . . ." Asiphakamise izandla zethu manje kuYe esimthandayo. "Ngi . . ." Inhliziyo yakho yonke manje, "Ng'yaMthanda."

Kulungile. UMfowethu Demos.

